


KUNGANI?

 Ngiyabonga, Mfowethu.

² Ningahlala phansi. Niyazi, ngi...Umkami uthe, “Bill, ngithi ukukuncoma kulomhlango, wehlela eTexas lapho sonke lesosimo sezulu esihle sikhona.”

Esikhashaneni esedlule ngimshayele ucingo, ngathi, “Kubanda kangakanani na?”

Wathi, “Akubandi kakhulu, kuthi akube nguziro nje. Kodwa nonke ninjani ezansi lapho na?”

³ Ngathi, “Lina nje futhi liyidliwa ngamandla onke.” Ngathi, “Ihlobo kufanele ukuthi liye entshonalanga, ukuthatha iholide lalo.” Impela lishiye i—ingxenye esezansi yeTexas, alinjalo na? Ngiyabona ukuthi sinokugibela okushelelayo, okunemvula kusasa, futhi ngakho sinxusa imikhuleko yenu.

⁴ Futhi bengingalindele ukuthi kuyoba khona noma ubani ephumile, bengicabanga ukuthi yonke iTexas ibisesaba isimo sezulu esibi, kodwa ngiyabona abanye babo abanjalo. Ngakho, ngakho siyajabula ukuthi nilapha kulobubusuku, futhi siyajabula ukuthi sibe nalokhu, nisikhombisile lomhlango omuhle kakhulu, omunye wemihlango emihle kunayo yonke esibe nayo eminyakeni, umoya wenu omuhle nokubambisana.

⁵ Ngifuna ukubonga lababelusi, ngamunye ngamunye wenu, ngokubambisana kwenu okuhle. Angikwazanga ukudla idina nani, ngibe nesidlo sasekuseni nje nani nonke. Kodwa ngithanda ukuwela futhi ngibone ukuthi umkenu angalupheka kanjani uphuthu olumahhadlahadla namabhisikidi, futhi, o, he, ngiyacabanga ukuthi bekungaba kuhle, kube kuhle kakhulu. Ngiyamuthakasela umshayi we-ogani wethu omncane lapha obe nomoya omuhle kakhulu, esisiza, nonke nina bantu.

⁶ Futhi bangitshela ukuthi banikela umnikelo wothando e, okwe...ukwenzela mina. Zonke izindleko zikhokheliwe, bazalwane na? Uma kungenjalo, uphenduleleni ungene ngqo kulokho, niyabo. Futhi uma yonke into ilungile, futhi akukho sidingo esithile sawo, ngizowufaka emsebenzini weNkosi, njengoba ngihamba ngiqhubeka. Kwangathi uNkulunkulu anganibusisa njalo.

⁷ Futhi ngikholwa ukuthi kuyashiwo emBhalweni, “Enikwenzile kwabancinyane baMi, nikwenze kiMi.” Ngakho ngiyilowo omncinyane, ngakho nikwenze kuYe, niyabo, [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]...nenza. Ngiyazi ukuthi yingxenye yokuphila kwakho, wabelana nami ngenxa yeVangeli. Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa ngokucebile, ukuthi lapho ukuphila sekuphelile lapha,

ngakolunye uHlangothi uyovuzwa, uma kungekho lapha, okuphindwe kayikhulu lapha, nokuPhila okuPhakade ngakolunye uHlangothi.

⁸ Ukukholwa kwenu kube kukhulu kakhulu, ukuthi nibuthene kanjani futhi nacindezela ukukholwa kwenu kwaqhubeka, nihlanganisa ukukholwa kwenu. Ukuba bekungesikho okwalokho kukholwa, umhlangano ubungeke ube yilokho oyikho, kodwa kungenxa yokuthi nikholiwe, futhi nakholwa kanye nami, futhi ngi—ngiyakuthakasela. Ngatshela abazalwane bami, futhi ngatshela abangani ongibizile ezingxenye ezehlukene zezwe ukuthi bekukhulu kakhulu, ukuthi kanjani a—abantu lapha eBeaumont ngempela babekile ukukholwa kwabo nomkhuleko emva komhlangano, futhi basiza.

⁹ Akukho kungabaza ngaphandle kokuthi yonke into, lapho kwenza okuncane, umlando omncane, noma into ethile nje engejwayelekile, unokuvumayo nokuphikisayo kwakho, uno—okuhle nokubi. Ufanele ube nobusuku ukuze ujabulele usuku, ufanele ube nesimo sezulu esibi ukuze ujabulele isimo sezulu esihle, yileyo impilo eyiyo. Sifanele sibe nabantu ababi ukwenza abantu abalungile babonakale. Futhi ngakho, ufanele ube nokungamanga ukwenza okwangempela.

¹⁰ Angikusho lokhu ngoba ngiceliwe ukuba ngikusho, ngikusho ngoba kuphuma enhliziyweni yami, futhi ngifuna ukusho kini, nonke nina bantu, nina mabandla, bengingefune nicabange ukuthi benging—umuntu owazama ukuphikisana nawo onke amabandla, futhi, “Wonke anephutha, futhi yimina oqinisile.” Uma ngishiye lowomqondo wokuzwakalisa, ngithetheleleni, bengingakuqondile kanjalo. Kodwa bengiqonde ukusho ukuthi akukho-nhlangano ezweni, angikholwa, okwenkolo yobuKristu ngaphandle kwaleyo enabantu abalungile kuyo, futhi zinabantu bakaNkulunkulu kuyo.

¹¹ Angivumelani nenhlangano, mina, ngenxa yokuthi inhlangano, manje lalelisani, uma inhlangano izothi, “Sikholwa yilokhu,” kanye nokhefana, kulungile, kodwa uma, “Sikholwa yilokhu, ngqi,” lokho konke kuyiphutha, niyabo. Niyabo? Uma uphetha imfundiso yakho ngokhefana, “Sikholwa yilokhu, kanye nakakhulu uNkulunkulu afuna ukukwenezela kukho,” kodwa lapho uthi, “Sikholwa yilokhu, ngqi, futhi yilokho kuphela,” khona-ke uvalela uNkulunkulu ngaphandle ngqo kukho. Niyabo? Futhi yileyo izinhlangano ezenza ngayo, zikuqeda ngo—ngongqi.

¹² Manje, izinto ezinjalo zenzekile komunye wabazalwane bethu, ngenxa yokuthi uye wakhuleka iminyaka, futhi uye wangikhulekela ukuba ngize lapha. Futhi ngifuna ukunitshela ukuthi iNkosi yasebenza kanjani. Nganginenqwaba yezimemo, emhlabeni jikelele. Ngihlanganisa zonke izimvuselelo zami zaseMelika ndawonye, bese-ke kuba ezakwamanye amazwe,

phesheya kwezilwandle kuqala njalo ngonyaka. Ngiqala iviki likaKhisimusi futhi siyakukhulekela iviki lonke, ngoba sivame ukuba sekhaya ngaleyonkathi.

¹³ Futhi—futhi ngakho sakukhulekela, futhi masinyane ingqondo yami yakhangwa iTexas, iHouston, noma, hhayi iHouston, kodwa iBeaumont. Kwase kuthi-ke e...Ngathi, “Kukhona onakho okuvela eBeaumont na?”

¹⁴ Unobhala wakhapha izimemo, eziningana zazo, ngase ngathi, “Ake sibone.” Futhi ngavele ngacosha esisodwa *kanjalo*, ngasibeka, ngakhetha esisodwa, ngase ngibona leligama likamelusi omncane, ngathi, “Xhumana naye.” Niyabo, “Nje xhumana noMfowethu.”

¹⁵ Bese kuthi-ke, umfowethu, enezinhloso ezinhle, engenamizwa emibi...Futhi uma amanye amadoda kahulumeni elapha, amagosa, kumbe noma ngabe kuyini, bazalwane, ningenzi into embi enizozisola ngayo kamuva. Niyabo? Niyabo? Yiba ngumKristu, yiba ngumnumzane ohloniphekile. Umfowethu omncane ubengaqondile ukulimaza, ubezama kuphela ukulandela ngaphandle, futhi wabonga ngomkhuleko ophendulwayo, yilokho kuphela. Bekuyilokho kuphela, ebonga nje uNkulunkulu ephendula umkhuleko wakhe. Ubengaqondile ukuba mubi, futhi yena, angicabangi ukuthi unjalo, ungumfowethu olungileyo, okahle, umfowethu onomoya omuhle.

¹⁶ Bese kuthi-ke ngenkathi umfowabo olungileyo, omunye we...Ungowe-UPC, ebizwa phakathi kwabantu, i-*Oneness*. Nabanye babazalwane abakholwa nguziq-zintathu bayangena. Inhliziyo yakhe ilambebe inhlanganyelo, futhi ngenkathi kufika umfowabo kaziq-zintathu, wayeyini, akukho okungenziwa, kodwa wamgaxa. Manje, bazalwane, uma uxosha indoda embuthaneni wakho ngokunjalo, uNkulunkulu awuhawukele umphefumulo wakho onesono! Lapho ngifika endaweni, kumbe noma iyiphi inhlangano engakwazi ukufinyelelisa izingalo zayo futhi ithole umfowabo ovela noma yikuphi, uNkulunkulu abe nomusa kini!

¹⁷ Bazalwane be-Assembly, nani Church of God, iFoursquare, nani nonke, ngineqiniso ningakuthakasela ukuma umfowethu oyiqhawe angakuthatha kanjalo. Ngineqiniso ukuthi nina bazalwane be-Assembly niyakuthakasela lokho, nina Foursquare, neChurch of God, nabazalwane abakholwa nguziq-zintathu. Lomfowethu welule inhliziyo yakhe, ubengenayo inhliziyo yokuthi, “Suka,” ngoba uyanithanda. Manje, ngenkathi esesengxenyeni yakhe lapho ephansi, edingeka agaye kanzima, futhi ethembele kulokho ngaso sonke isikhathi, uma kufanele kwenzeke noma yini futhi abazalwane bamkhiphe enhlanganweni ngoba uhlanganyele nani, kukhumbuleni lokho.

¹⁸ Yibani nenhlanganyelo omunye nomunye, futhi nikhohlwe imehluko yenu emincane, nibe ngabafo omunye komunye, nimqinise, nimnike isandla, bese nimbambatha emhlane, nithi, “Woza, Mfowethu, sindawonye ngqo.” Yileyondlela yokukwenza, yileyondlela yokukwenza. Uzothola into eyodwa, mfowethu, ukugxekwa kuzokufaka enkathazweni kuphela. Kunjalo. Ungalokothi wehlise noma ubani, baphakamise.

¹⁹ Ngizoxoxa indaba encane ngalokhu, ifika nje engqondweni yami. Ababaningi lapha kulobubusuku, ngakho sinesikhathi esihle sokukhuluma, sizokhulekela abagulayo, nginikeze umlayezo wami omncane wokuvalalisa kini. Futhi ngingathanda ukusho ukuthi lapha esikhathini esithile esedlule ngangise-Ohio, sasinomhlangano omkhulu, cishe sekuyiminyaka emine noma emihlanu edlule, mhlawumbe eyisithupha. Futhi umhlangano waba nzima kakhulu ngaze ngadingeka ngiphume ngiyongena ezweni, ihhotela elincane labahamba ngezimoto engangihlala kulo, abaningi kakhulu babengakhona, noma, ihhotela, njalo, ngaphuma ngangena ezweni. Ngangikade ngizile ukudla ngokuthile okukhethekile ukuba kwenzeke, lokho, into ethile eyozuza izinhliziyi zabantu.

²⁰ Niyazi, ngezinye izikhathi lapho sikhulekela abanye, yithina othola usizo izikhathi eziningi, lapho ukhulekela abanye, njengasesikhathini sasebusuku lapho ngithi, “Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, ungazikhulekeli wena, kodwa khulekela omunye umfo, yena ukhulekela wena. IBhayibheli lathi, ‘Vumani amaphutha enu komunye nomunye, futhi nikhulekelane.’”

²¹ Yileyondlela esifuna ukuyenza. Makuthi amaBaptisti akhulekele amaMethodisti, namaMethodisti akhulekele amaBaptisti, ne-Oneness ikhulekele iTwონess, neTwონess ikhulekele iTwონess, neThreeness, neFourness, nanoma yini enye ezayo. Wonke umuntu akhulekele omunye nomunye, ukuthi ukukholwa kwethu ngeke kwehluleke kulowo oyedwa Okhazimulayo sonke esimthandayo, uJesu Kristu. Yebo, mnumzane.

²² Manje, ngakho ngaphuma ngangena ezweni, cishe amamayela amathathu ngaphandle kwedolobha. Futhi ngakho sasi, kade sinedina ngale endaweni yokudlela encane yaseDunkard lapho khona, ngikholwa ukuthi kwakungamaMennonite, futhi babeyisigejane esihle sabantu esikholelwa ebungcweleni. Nalawomanenekazi amancane, egqoke kahle nje impela nangokumesaba uNkulunkulu, nezincane zawo, nezingubo zawo zilenga kahle kuwo, nezinwele ezinde, futhi ehlanzeke njengophini; ngikuthandle nje ukudla lapho. Futhi ebethamele umhlangano wami, futhi nje sibe nesikhathi esimnandi kakhulu. Ngakho, ngeSonto bavala indawo encane, babesemhlanganweni, futhi ikakhulukazi ngeSonto abayivulanga.

Ngakho, kade ngizila ukudla cishe izinsuku ezimbili noma ezintathu, futhi nje bengizoshumayela ngaleyontambama, ngacabanga, “Awu, kubonakala sengathi . . .”

²³ Awufuni neze ukuzila ukudla uze uholelwe ekuzileni ukudla, khona-ke uma ulamba, sekuyisikhathi sokudla. “Kamuva, uJesu *kamuva* walamba.” Abanye balaba besho, lababantu bezila ukudla, futhi bathi, “Ngizozila izinsuku ezingamashumi amane,” namazinyo okufakelwa ewa, futhi ehla emzimbeni, futhi, he, kungcono ukuyeke lokho. Linda uNkulunkulu aze akuhole ukuba wenze lokho kulezozinto. Holwa nguMoya.

²⁴ Ngike ngaba nabantu, emva kokuba incwadi ethize yabhalwa futhi yakhishwa ngokuzila ukudla, abantu beza emgqeni wami, abesifazane, abakhulelwe, nezinto ezinjalo, bangena emgqeni wami, balahlekelwa yingqondo yabo—yabo, bangene esikhungweni sezinhlanga ngalokho. Niyabo? Kusobala ungenke wakwenza lokho. Ngoba nje omunye umuntu ukwenzile, lokho akusiyo isayini yokuthi ufanele ukwenze, vumela uNkulunkulu akuhole ukuba wenze lokho okwenzayo.

²⁵ Uholelwa, lapho ulamba, sekuyisikhathi sokudla. Lapho uNkulunkulu ebeka ukuzila ukudla kuwe, awulambi, nguNkulunkulu ebezana nawe. UJesu *kamuva* walamba. Niyabo? Emva kokuba ukuzila ukudla kwaKhe sekuphelile, Walamba. Kodwa, ngakho noma kunjalo, vumela nje lokho—lokho . . . Wena nje yehlulela lokho ngokwakho, ngi . . . Umelusi wenu ufanelekile kakhulu . . . isikhundla esingcono ukunitshela lezozinto. Uma ngisho okungalungile, noma, ngithethelele.

²⁶ Kodwa nokho, ngangikade ngizile ukudla izinsuku ezithi azibe mbili, noma ezintathu, okucishe kube ngokude nje uma ngingake ngizile ukudla, ngoba ngihamba kakhulu. Ngakho manje-ke ngacabanga, “Awu, ngizoshumayela nje kulentambama, ngakho-ke ngizovele nje, ngizowela bese ngizitholela isemishi.” Futhi ngacabanga, “A-o, bavalile.”

²⁷ Ngale ngaphesheya kwendlela kwakuyi, nje ejwayelekile, encane endala, indawo othenga udlele kuyo ejwayelekile yaseMelika, yoqobo. Awu, ngavele ngathi nyelele nje ngaleya ngenkathi besesezansi benza izandulelo. Ngacabanga, “Ngizovele ngizitholele ihembhega, futhi lokho kuzothi ukucindezela kukhiphe imibimbi ngize ngikwazi, kulobubusuku ngizodla emva kwenkonzo.”

²⁸ Ngakho manje-ke, ngathola eyami . . . ngaya ngale ukuyothola ihembhega. Futhi ngahamba endaweni, futhi ngenkathi ngihamba endaweni, sona impela isimo sendawo, wawungasho ukuthi wawungekho phakathi kwalawomakholwa. Ngale ngakwesokunxele kwakukhona imishini yokugembula, nephoyisa limi lapho, kanye, elicishe libe nguntanga yami, ligaxe owesifazane, lidlala umshini wokugembula.

²⁹ Manje, ukugembula akukho emthethweni e-Ohio, futhi lapho lalidlala umshini wokugembula, indoda eyayifanele ukusekela umthetho, yephula umthetho. Nendoda eyayifanele ukuba i, ibeke isibonelo sokuziphatha okuhle, nezinto, nengalo yayo igaxe owesifazane, lapho ebingafanele ikwenze, nendoda enguntanga wami! Awu, yona, ngiqagele yayishadile futhi yayinomndeni, angazi. Ngase ngicabanga, “Bakithi!”

³⁰ Ngabheka emuva, futhi kwakukhona itafula isigejane salaba bafana, labobafo bezithuthuthu abanalokho kugunda izinwele okubukeka njengedada, namajakhethi ezithuthuthu, nama-ovaloli ehliswe ezinqlwini zabo, noma... Noma yikuphi... Badinga omuhle ngempela, ubabayi waseningizimu oyifeshini endala, onehikhori eneMiyalo eyiShumi ekugcineni kwalo. Yilokho impela abakudingayo. Yebo. Nibiza... Kwenzekeni kubantu baseMelika na? Niyazi ukuthini? Bakubiza ngobuhlongandlebe bentsha, ngicabanga ukuthi ubuhlongandlebe babazali, lokho—lokho kunjalo impela. “Yeka induku futhi wona indodana yakho.” Yilokho umBhalo okushoyo.

³¹ Futhi babelapho-ke behlezi emuva lapho, nentombi, enhle, intombazane esencane, nomunye umfana emi lapho, ethi ukuba ngumholi weqembu, namabhuzu akhe ebekwe phezu kwetafula, nengalo yakhe igaxe lelonekazi elincane lapho kwakungukungamesabi uNkulunkulu kakhulu ezinqlwini zalo, kunjalo, futhi egona loweta waze wafika ezingalweni zakhe. Awu, ngama lapho, ngacabanga, “Bakithi!”

³² Ngabuka ngale *ngapha*, futhi nakho kuhlezi ugogo omdala, ethi akabe mdala njengogogo wami. Futhi yena, bandla, into endala wayegqoke lamathayithi, noma izikhindi, noma ngabe nikubiza ngani, nezingalo zakhe ezindala bandla, inyama entekenteke, futhi wayepende izinzwane zakhe ngombala ofanayo wezindebe zakhe, namakhulukazi, amabala amnyama ngaphansi kwamehlo akhe—akhe lapha lapho ayepende khona uhlobo oluthile lwezinto, nezinwele zakhe zazinombala oluhlaza sasibhakabhaka. Manje, niyazi izidalwa ezingabantu azinakho neze lokho okubukeka kuluhlaza satshani. Ngakho, ngacabanga, “Awu, into endala bandla! Mhlawumbe lokho kulungile, mhlawumbe uyakuthanda lokho.”

³³ Kodwa ngabheka, futhi wayenalabo bafu ababili abadala, futhi babedakiwe. Futhi omunye wabo, khona lapho ngesikhathi sasehlobo, wayegqoke ijazi elikhulu elidala, lamasosha, ezizongezele ngesikhafu esikhulu entanyeni yakhe. Futhi babekade benobhiya ubekwe etafuleni.

Ngacabanga, “O, bengineke ngidle phakathi lapha nhlobo!”

³⁴ Ngakho, ngacabanga, “Nkulunkulu, ungakwenza kunjani Wena, ungcwele, ubuke into enjalo na?” Ngacabanga, “Ngabe

uSarah wami omncane noRebekah bazodingeka bakhulele ngaphansi kwento enjengaleyo njengamaMelikana na?" Amantombazanyana ami amabili engizama ukuwakhulisela uNkulunkulu ukuba abe yizithunywa zenkolo, noma abashayi bopiyano, noma okuthize, mhlawumbe ashade nomshumayeli omncane azomsiza emsebenzini weNkosi, ngizame ukubakhulisa babe amantombazane ahlanzekile nalungile, abe abesifazane bangempela, futhi bafanele bakhulele ngaphansi kwezimo ezinjengalezo!

³⁵ Ngathi, "Baba, ngomoya enginawo, Ongipha wona, umoya wami ungcweliswa ngelaKho, iGazi leNdodana yaKho, nalokho kubukeka kukubi kimi, Ungama kanjani ukuba ukubuke na? AWuyishayi ngani into nje bese uyisusuluzela emhlabeni!" Intukuthelo yami elungileyo ingahle ukuba yavuka. Niyabo? Asifuni ukuthi kwakungulaka, kodwa kwakuyinto ethize nje, kwakuwuhlobo olufanayo lwentukuthelo uJesu ayenalo ngenkathi Ebabuka ngokuthukuthela futhi wabashaya baphuma ethempelini, niyabo.

³⁶ Futhi ngakho, ngaqalaza futhi ngikubone konke lokho, ngase ngicabanga, "Futhi uSarah wami omncane, uRebekah uzofanele akhulele ngaphansi kokunjalo na? Nkulunkulu, kubukeka sengathi uma Ungcwele, nokuthi Umkhulu kangakanani, kubukeka sengathi Ubuyoyiqhumisa nje into isuke emephini, kanjalo! Ungakumela kanjani na?" Ngacabanga "O, he!"

³⁷ Futhi ngezwa into ethize ihamba, "*Whewu, whewu, whewu,*" njengokubhaxabula. Yileyondlela lokho kuKhanya lapho Kukhuphuka, Kubhaxabula njengomlilo. Futhi ngaqaphela, futhi Kwakumi eduze kwami. Ngahlehlela emva komnyango. Ngancikisa ikhanda lami odongeni, ngase ngithi, "Baba waseZulwini, ini...?" Ngacabanga...Manje, nakhu ebengikucabanga. "Uyafuna ngehlise ukwaHlulela na?" Manje, lokho kukhombisa nje ukuthi isidalwa esingumuntu singaqhela kanjani kude kakhulu.

³⁸ Ngahlehla. Ngangicabanga ukuthi Ubezongicela ukuba nje ngiphumele lapho bese ngithi, "Nonke, ngiyanisola nonke, nina zoni! Phendukani noma nife!" Niyabo? Futhi ngacabanga ukuthi yilokho Ayezongitshela ukuba ngikwenze; beningeke ngikwenze ngaphandle uma Engitshelile. Ngakho nga—ngaphuma, ngabuyela lapho, futhi ngacabanga ukuthi Wayezongikhombisa.

³⁹ Ngenkathi ngenza, ngibonile, kubukeka sengathi, ngenkathi ngivula amehlo ami emva kokuba ngazi ukuthi Wayesemva komnyango lapho nami, futhi kwakubukeka njengento ethize ephendukayo. Ngigqala ukubuka, futhi kwakuyizwe, lomhlaba, futhi nxazonke kwakunenkungu, njengenkungu ebomvu

ivunguza nxazonke, ngabheka phezulu le ngaphezulu lapho, futhi ngiMbonile.

⁴⁰ Ngase-ke ngibuka phansi, ngazibona mina uqobo, kwakubukeka sengathi ngiza ngqo emhlabeni. Futhi yonke into engangiyoyenza yayingukudelela, isono sami sasiqala ukuhlangana noNkulunkulu. Futhi ngaphambi kokuba sifinyelele kuYe, uJesu esebenza njengobhampa emotweni phakathi kwami noNkulunkulu. Niyabo? KwaMshaya, futhi Wayebamba uhlangothi lwaKhe, izinyembezi zaziphuma emehlweni aKhe, futhi ngangimuzwa ethi, “Baba, mthethelele, akazi ukuthi wenzani.”

⁴¹ Ngaziqaphela ngisengumfanyana, izinto engizenzile. Futhi ngangibona ngaso sonke isikhathi lapho ngenza okuthile okubi, ngani, kwakubukeka sengathi kwakuzoqala, noNkulunkulu ubeyongibulala ngexa yakho, niyabo, nami, ngoba Ungcwele, isono ngeke sama eBukhoni baKhe, kodwa ngibone leyonkungu ivunguza izungeza, futhi lona, leloGazi likaJesu, lisebenza njengobhampa phakathi kwami futhi ngihlatshwa nguNkulunkulu.

⁴² Awu, ngabuka, ngasondela eduze kwalapho Ayekhona, ngase ngibuka, futhi nakho kubekwe incwadi yami yendlalwe phambi kwaKhe, futhi lapho kwakunegama lami, futhi yonke into embi engake ngayenza yayibhalwe kuyo ngqo. Futhi ngaqaphela ngaso sonke isikhathi ukuthi ngangenza okuthile okungalungile, be-...Ngikwenzile, Ube—Ubeyokubamba, futhi kwa—kwaMlimaza, futhi Wayebamba umoya waKhe njengokuthi, nezinyembezi zazehla ezihlathini zaKhe, futhi Ubeyothi, “Mthethelele, akazi ukuthi wenzani.”

Ngacabanga, “Nkosi, ngabe ngakwenza Uhlupheke kanjalo na?” Ngacabanga, “NgiyaKuthanda! Ngingakwenza Uhlupheke kanjalo na? Usho ukuthi izono zami zenze lokho na?”

⁴³ Wanqekuzisa ikhanda laKhe kimi, futhi ngangikubona lokho, kwakubukeka sengathi uyaMbona esithombeni, enalowomqhele kuYe, kanjalo, iGazi emehlweni aKhe nasebusweni. Wangibuka, futhi wangibuka njengezinyembezi zonke zahlanganisa intshebe yaKhe, amabala eGazi ebusweni baKhe bonke.

Ngathi, “Ngabe izono zami zenze lokho kuWe na?”

Wanqekuzisa ikhanda laKhe kimi.

Ngathi, “Nkulunkulu, ngithethelele. Ngi—bengingeke—bengingefune ukuKulimaza kanjalo, Nkosi. NgiyaKuthanda ngenhliziyo yami yonke.”

⁴⁴ Wathatha uhlangothi lwaKhe, walumbambatha ngesandla saKhe, wathatha umunwe waKhe *kanje*, wayesebhala encwadini yami endala engcolile, “Uxolelwe,” wayithatha wase eyiphosa

ngale emva kwaKhe, kanje, yangena oLwandle lokuKhohlwa, wendlala incwadi entsha.

Ngathi, “Nkosi, ngiyaKubonga. Ngiyo—angisoze ngazama ukwenza noma yini engalungile. Wena. . .”

Wathi, “Manje, Ngikuthethelele ngesihle, Ngikuthethelele ngesihle, futhi manje-ke ufuna ukumbhubhisa.”

⁴⁵ Futhi ngalesosikhathi umnyango wawusubuyile, futhi ngangibuka ngqo owesifazane ehlezi lapho. Ngangifuna ukumbhubhisa, emva kokuba sengithethelele ngesihle. Ngavele ngadonsa umnyango ngawuhlanganisa lapho engangikade nginyakazisa khona izingalo zami ngenkathi umbono wawuqhubeka, ngadonsa ngabuyisela umnyango, ngathi, “Baba, ngithethelele. Ngi—ngizoya ngqo kuye futhi ngizoxolisa.”

⁴⁶ Ngaphuma ngomnyango. Enye yalawomadoda amadala, idakiwe, ihlezi lapho naye, yathi, “Ucabanga ukuthi imvula izolimaza okusasipinashi okunenduku ebomvu na?” Base basukuma, base becela uxolo, baphuma, baya endlini encane.

⁴⁷ Ngathi ukuzulazula ngale ngaleyondlela, naleliphoyisa lisadlala umshini wokugembula. Futhi ngahamba ngaya ngaleya ukuthi nje lapho ayekhona, ngathi, “Sawubona?”

Into endala bandla yabheka phezulu yase ithi, “O, halo.”

Ngase ngathi, “Ngingahlala phansi na?”

Wathi, “Ngiyabonga, kukhona enginaye.”

Ngathi, “Bengingakuqondile kanjalo.” Ngathi, “Ngifuna nje ukusho izwi kuwe. Ngifuna wena ukubuza uma. . .Ngifuna ukucelula ukuba ungithethelele.”

Wathi, “Uke wenzani kimi na?”

Ngathi, “Ungalinda umzuzu nje, ake ngikutshela na?”

Wathi, “Yebo.”

Ngathi, “Ngime emnyango,” ngase ngimtshela indaba. Ngathi, “Khona emuva ngqo ngemuva lapho, Wangikhombisa lapho enganginephutha khona.”

Wabheka phezulu, futhi kubukeka sengathi kwakumdabukisa, wabheka phezulu, wathi, “Ingabe unguMfowethu Branham na?”

Ngathi, “Nginguye.”

Wathi, “Uyilowomfundisi ezansi lapha.”

Ngathi, “Yebo, mem.”

Wathi, “Nginamahloni ngawe ukungibona nginje.”

Futhi ngathi, “Uzongithethelela na?”

Wathi, “Impela.”

Wathi, “Hlala phansi.”

Ngathi, “Ngiyabonga.” Futhi ngahlala phansi naye esitodlwanezi esinompheme elincane.

⁴⁸ Futhi wathi, “Kukhona engifuna ukukutshela khona, Mfowethu Branham.” Wathi, “Ngedlula ngase ngibona imihlangano yakho, ngiyibonile ikhangisiwe, ngangena.” Wathi, “Nginamahloni nje ngami.” Wathi, “Ubungakholwa yini uma ngikutshela ukuthi ubaba wami wayengumfundisi weMethodisti na?” Wathi, “Nginamadodakazi amabili, omabili angothisha bakaSonto sikole.”

Ngathi, “Kwenzekeni na?”

⁴⁹ Wangitshela nge—ngencwadi evela kumyeni wakhe, futhi wabaleka nomunye wesifazane, waqala ekuphuzeni, wayeseqala ukuhamba, wayesethi, “Ngiyazi nge—sengidlulile ekuhlengweni,” umgcini-mthetho ngokuqinile, uyabo. Futhi ngathi. . . Wathi, “Sengedlulile ekuhlengweni.”

Ngathi, “Qhabo, awunjalo. Qhabo, awunjalo.”

Waqala ukukhala, wathi, “Mfowethu Branham, ucabanga ukuthi angikedluli ekuhlengweni na?”

⁵⁰ Ngathi, “Kungani Isho lokho kimi-ke, emizuzwini embalwa edlule na?” Ngambamba ngesandla, ngaguqa phansi lapho kwiphansi lendlu, futhi lapho wanikela impilo yakhe kuJesu Kristu. Ukhuluma ngemishini yokugembula ima nakho konke okunye! Wonke umuntu phakathi lapho, sasikhala futhi sikhuleka. Wasukuma, waphuma ukuba aye ekhaya, impilo entsha.

⁵¹ Niyabo, uNkulunkulu wangikhombisa ukuthi inhliziyoyami uqobo yayingalungile, ngoba ngangizama ukumlahla ngecala, futhi ngingabheki lokho engivela kukho, futhi. Ngakho uma singahlala sikhumbula, sibuke emuva emgodini lapho esagwedwa khona, izinto zizobukeka zehluka kakhulu. Niyabo? Asifuni ukulahla muntu ngecala, sithande wonke umuntu.

⁵² Noma nini lapho ulahlekelwa yilolothando lwangempela, lwangoqobo olusenhliziyweni yakho, ulahlekelwe yikho konke, niyabo. Nje ungakukhohlwa neze lokho, ukuthi lapho ulahlekelwa uthando, konke sekuhambile.

⁵³ Manje, kukhumbuleni lokho, uthando lomfowethu omncane ayenalo ngani nonke. Futhi sizolukhumbula uthando lwabazalwane lapha.

⁵⁴ Mfowethu, noma yini oyenzayo. . . Angisho ukuthi nonke nina zinhlangano hlakazekani futhi nenze inhlangano eyodwa, akusoze kwaba ngaleyondlela. Awusoze wakwenza, uyovele nje udlule empilweni into efanayo nje ubhaklaza, nokuqophisana, nokushoshozela, lokho akulungile. Geina inhlangano yakho, hlala phakathi lapho uma ungakwazi, lokho kulungile, kodwa ulule ingalo, futhi uthande wonke omunye umuntu, futhi ube nenhlonipho. Umnike ingubo yokulala encane, naye, ngoba

ufuna ukwembathiswa, naye, inwebeka kakhulu ngokwenele kithina sonke.

Indawo, indawo, kunendawo eyinqwaba.
Kukhona indawo yami emthonjeni.

Kunjalo, kukhona indawo yethu sonke, futhi nje kukhumbule lokho.

⁵⁵ Ukuba bengingabona lonke ibandla lePentecostal, iFoursquare, i-Open Bible Standard, iPentecostal Assemblies of God, i-United Pentecostal Church, nawo onke amanye, bagaxane, futhi bakhohlwe imehluko yabo, nje bahlanganye omunye nomunye, bengiyothi, “Inceku yaKho mayimuke ngokuthula ngokuba amehlo ami abonile insindiso yaKho.” Kunjalo. Futhi inqobo nje uma uSathane enitholile nidubulana, uvele ahlale emuva bese ethatha iholide, akadingeki ukuba azilulaze nhlobo, niyabo. . . Uyabo? Ngikhulekela ukuthi ngizophila ngibone usuku.

⁵⁶ Futhi uma ningakwenzi phakathi kwenu, uhlobo oluthile lokuhlushwa luzoshaya lesisizwe ngolunye lwalezizinsuku, niyolangazelelana ngaleyonkanthi, abazalwane bokukholwa okuyigugu okufanayo. Ngakho kungani sidlule ekujezisweni, lapho singaba nesiqephu esincane seZulu emhlabeni khona manje na? UNkulunkulu abe nani.

⁵⁷ Ngifuna ukubuya. Ngikuzwile ucela, washo ukuba mina . . . ufuna ngibuye. Ngiyobuya ngolunye usuku, iNkosi ithanda. Ngithanda ukuletha ithende futhi ngilimise phandle lapha ndawondawo, phakathi, khona ngqo phakathi kwamadolobha ngalapha, futhi sonke asihlangane ndawonye futhi sibe nenhlanganyelo omunye nomunye, sizame ukwakha amabandla.

⁵⁸ Nonke ninento enifanele niyenze manje. Nonke yibani kahle ebandleni lenu, futhi nisebenze kanzima nje njengoba ningenza ebandleni lenu lendawo. Niyabo? Kodwa ungalokothi ugxeke. Uma wazi into ethize embi mayelana nolunye uhlangothi, ungasho lutho ngakho, uyabo, kugcine kuwe lokho, isitha, silalele nje ukuzwa lokho. Uyabo? Ungasivumeli sazi lutho, ungakhulumi lutho, khona-ke angeke sazi lutho ngakho. Niyabo? Kugcine kuwe, futhi ukhuleke.

⁵⁹ Uthi, “Awu, umfowethu bandla wenze okungalungile.” Kodwa ungamehlisi, usehlile, empeleni, uzame ukumqokula, uyabo, umphakamise. Yiba ngumSamariya olungileyo, uyabo, uzame ukumqokula. Awukwazi ngisho ukukhuluma naye, umkhulekele kuze kube ngaleyondlela. Mgcine nje enhliziyweni yakho, ngoba umphefumulo wakhe ubiza amazwe ayizinkulungwane eziyishumi.

Manje asikhuleke.

⁶⁰ Baba wethu waseZulwini, njengoba sifuna ukukhothama ukubonga Wena ngalababantu abakhulu ezansi lapha, izinceku

zaKho, ngiyaKubonga ngoMfowethu King, uMfowethu Petty, ngabo bonke abanye, Nkosi, lababafowethu abakahle, labodade abamangalisayo, amabandla abo, amalunga abo—abo, nangalabobantu abakhulu emadolobheni, nezindawo zamabhizinisi, ukuthi bebebahle kanjani.

⁶¹ SiyaKubonga ngalelihholo elikhulu, ngalona—lona abantu abasivumele ukuba sibe nalo. Nkulunkulu, bebelokhu bengivulele iminyango yabo ndawo zonke, lapho izimvula, neziphepho, nezinto! Nkulunkulu, kwangathi bangaphila kuze kube sekuFikeni kweNkosi. Siphe khona. Busisa abagcini, onke amalunga edlangala, onke. Kwangathi bonke bangathola ukuphumula nokuthula kuKristu. Siphe khona, Nkosi.

⁶² Busisa lamaphoyisa akahle akade eqaphe amageceke phandle lapha, lowomfo omncane ngobunye ubusuku owaphuma futhi wangibuka, futhi washo lokho kuncoma okumangalisayo. Baba, ngase ngicishe ngaphuma ngaleyonkathi, ngiqathaka ngiphuma nje ogcobweni ngiba...Angibanga nalo ithuba lokusho okuningi kuye. Uma lowomfana engasindisiwe, nokuthi kanjani yena, ukuncoma akusho ngomhlangano, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi uzokwemukela uMoya oNgcwele, siphe khona, Nkosi, abe seNkazimulweni. Uma ngingaphinde ngimbone emhlabeni, kwangathi ngingakwazi ukumxhawula. Indoda enjengaleyo ibingenza noma yiliphi idolobha libe yiphoyisa elikahle.

⁶³ Lomfo omncane engikhulume naye emnyango esikhashaneni esedlule nje, uNkulunkulu ayibusise leyondoda. SiyaKubonga ngakho konke nje, Nkosi, Umuhle kakhulu kithi. Siyakhuleka manje ukuthi Uzoqhubeka nokusibusisa njengoba sihamba sibheke ngasoGwini lwaseNtshonalanga.

⁶⁴ Ngikhulekela ukuthi Uzobusisa uMfowethu King manje, futhi sikhulume ngezinkathazo zakhe, futhi sikhulekela ukuthi Uzoba naye nabo bonke abanye abafowethu. Futhi, Nkulunkulu, into eyodwa kuphela engingayenza ukuthi, isidalwa esingumuntu besingekwenze, kodwa kwangathi uMoya oNgcwele waKho njalo njalo ubophe lezizinhliziyi ndawonye zalababantu baze babemunye kuKristu Jesu. Siphe khona, Baba.

⁶⁵ Siphe inkonzo enkulu kulobubusuku. Abanengi babo uze ngapha emigwaqeni eshelelayo, na—naphandle kulemvula nesiphepho ukufika lapha kulobubusuku ukuzwa inkonzo yokuvala, ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa. Kwangathi kungebebikho-muntu obuthakathaka phakathi kwethu kulobubusuku. Ngicela lokho, Baba, ngenkazimulo yaKho. Kwangathi amandla kaMoya oNgcwele angangena kulobubusuku futhi anikeze okuchichima ngokwedlulele ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza ngisho noma

sikucabange. Siqhubeka silindele kuWe. EGameni likaJesu, khuluma kithi. Amen.

⁶⁶ Onke amaphasela amancane phakathi lapha, ningawacoshisa masinyane nje lapho si . . . Ngiyawakhulekela. Ngifuna ukulinda kuze kufike ugcobo lukaMoya oNgcwele phezu kwami ukuba ngikhulekele abagulayo.

⁶⁷ Manje ngale eNcwadini kaJeremiya, ivesi 22:

Ibhalisamu alikho kwaGiliyadi na; inyanga ayikho lapho na? pho kungani. . . ukuphila kwendodakazi yabantu bami kungasindiswa na?

⁶⁸ Ngifuna ukuthatha indaba, sengivala kulobubusuku, yokubuza umbuzo, njengoba uNkulunkulu enza, *Kungani?* Manje, ngethemba ukuthi asizukuba mude, imizuzu engamashumi amabili, engamashumi amathathu, khona-ke singakhulekela abagulayo. *Kungani?*

⁶⁹ Uma uNkulunkulu enza ukulungiselela, noma indawo yokuphunyuka, bese-ke abantu behluleka ukuhamba kuyo, UNkulunkulu unelungelo lokubuza ukuthi kungani. Anikukholwa lokho na? Unelungelo lokubuza ukuthi kungani.

⁷⁰ Uma . . . Awulahliwe ngoba uyisoni, ulahliwe ngoba awumemukeli uJesu njengoMsindisi wakho. Manje, uNkulunkulu uyoba ngongalungile ukukulahla, futhi engenzi amalungiselelo akho ukuba uphume kukho, ngoba wazalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, ufika ezweni ukhuluma amanga. Akunandaba ukuthi abazali bakho babengubani, noma babeyini, usalokhu uyisoni nje, njenganoma yimuphi omunye umntwana lapho uzalwa kulelizwe.

⁷¹ Sonke sizalelwe esonweni, besingeke sizisindise. Besingeke sisakwazi ukuzisindisa, kunokuba besingathatha amabhande amabhuzu ethu futhi siziphakamisele phezu kwenyanga. Besingeke sikwenze, asinasizo nhlobo. Futhi ngakho-ke uNkulunkulu ubengeke akulahle ngalezozisekelo ngoba uyisoni, Uzokulahla ngoba uyala ukuthatha indlela yokuphunyuka. Ngakho khona-ke akusuye uNkulunkulu, nguwe uqobo, uyazilahla. Futhi lapho uzilahla, akukho-muntu ongakudabukela kodwa wena uqobo. Yilokho kuphela. Si . . . U—ufanele uzidabukele, ngoba awukayemukeli indlela kaNkulunkulu ehlinzekiwe yokuphunyuka.

⁷² Manje, lapho uNkulunkulu enza izindlela zaKhe, ngiyamangala nje ukuthi *kungani* Ezwa lapho Esenzela indlela, okokuphulukiswa kwethu, okwensindiso yethu, okwenduduzo yethu, okokuthula kwethu, nazo zonke lezizinto, futhi siyasuka nje futhi sikushiye. Kufanele kuMenze azizwe kabi kabi.

⁷³ Ngakho ngesinye isikhathi eBhayibhelini, ngale eNcwadini yamaKhosi esiBili, kwakukhona i—inkosi eyayiyinkosi ya—yakwaJuda, futhi yona, igama layo kwakungu-Ahaziya,

yayiyindodana ka-Ahabi noJezebeli. Wangena esikhundleni sikayise u-Ahabi esihlalweni sobukhosi, emva kuka-Ahabi, lelokholwa elithiyeka emnceleni, imbuka eVangelini, ilungu lebandla elisivivi, laya ngale lase lishada intombazane engumhedeni ukuqinisa umbuso walo, yangenisa ukukhonzwa kwezithombe kwa-Israyeli khona-ke. O, into embi kangaka ayenzile!

⁷⁴ Kwase kuthi-ke umkakhe omncane, ongumhedeni wathatha impilo kaNaboti oligugu ukuze inkosi ikwazi ukuthatha ifa lakhe. Nalowomprofethi waprofetha ukuthi kwakuzokwenzekani kuye owesilisa, nokuthi kwakuzokwenzekani kuye owesifazane, izinja ziyomudla owesifazane emgwaqeni, futhi ziyokhotha igazi lika-Ahabi liphuma enqoleni yakhe. Futhi yilokho impela okwenzeka.

⁷⁵ Ngingacabanga ngesikhathi lapho uJehoshafati, indoda kaNkulunkulu, kanti ngempela wayefanele—wayengafanele azihlanganise neqembu elingalungile. Ikhulwa alinanhlanganyelo nongakholwayo.

⁷⁶ Igwababa nejuba akukwazi ukukhuluma ndawonye. Igwababa lidla isidumbu esidala, esifile, ijuba liyinyoni eyodwa engenanyongo, uma belingadla lesosidumbu esifile, besiyolibulala. Yinyoni eyakhiwe ngokukhethekileyo, i—ijuba linjalo. Ijuba lidla kuphela okusanhlamvu, alinanyongo, alikwazanga ukukugaya. Kanjalo nomKristu, akananyongo ebabayo kubo, abakwazi ukudla izinto zezwe. Igwababa belingadla izinto, ukolo, futhi lingadla futhi isidumbu, lingumzenzisi.

⁷⁷ Futhi ijuba, ngifuna ukunitshela okuthize, ijuba alidingi ukuthola amanzi okugeza. Sewake walicosha ijuba elincane, wahlikihla isandla sakho phezu kwalo na? Linamafutha. Kukhona okuthize okuvela ngaphakathi okuphumayo futhi kuligcine lihlanzekile. O, he! Umzimba walo unamafutha, kusukela emafutheni avela ngaphakathi ephuma. Amen. Angifuni ukuqalisa kulokho, ngizophuma endabeni yami. Kodwa ligcina umzimba walo, izimpaphe zalo, izingubo zalo zihlanzekile ngamafutha angaphakathi. Njalo lapho lisebenza umzimba walo, lokho kusebenza phezu lapho ezimpapheni zalo futhi kuligcine njalonjalo, ngaso sonke isikhathi, lihlanzekile. O, iGazi likaJesu Kristu lingcwelisa ikholwa imini nobusuku!

⁷⁸ No-Ahabi wehla, futhi waba nenhlanganyelo ethize noJehoshafati, noma, uJehoshafati no-Ahabi. Futhi yena . . .

⁷⁹ Noma nini lapho ubona abanye bezwe elingakholwayo, “Ungaphumela ephathini yethu encane yamakhadi, s’thandwa na?” qaphela.

⁸⁰ “Awu, uyazi ukuthi usebenza lapha futhi ubasi wakho ufuna wena...sizoba nje nezinto ezimbalwa zenhlaliswano kulobubusuku.” Deda kukho, suka kukho.

⁸¹ “Awu, nguKhisimusi, unelungelo lokuba nokuzijabulisa okuncane okuhlanzekile.” Ungakukholwa lokho, deda kukho, gwema khona impela ukubonakala kobubi, deda kukho.

⁸² Kodwa uJehoshafati waba buthakathaka, futhi wehla ukuyobona u-Ahabi. Futhi u-Ahabi wayenenhloso, wathi, “Awu, sinezwe enhla lapha, lingelethu.” Wamkhombisa zonke izinto ezinkulu. Futhi yileyondlela udeveli enza ngayo, ekukhombisa zonke izinto ezinkulu anazo, niyabo, konke lokho anakho. Awu, ukubenezela, igolide, kwathi nje ukukhanyisa amehlo akhe, niyazi, futhi wacabanga, “He!” Akuzange kuwakhanyise, kwawenza buthuntu.

Futhi ngakho ekugcineni bahlala phandle lapho, futhi wathi, “Awu, senyukela eRamoti-gileyadi, noma ngiyo phambili...-donsa na?”

Wathi, “Besifanele sibuze iNkosi ngalokhu.”

⁸³ Ngakho u-Ahabi wathi, “O, kusobala kunjalo! A-hha. Sifanele sikwenze. Nginenqubo yobufundisi basesontweni eyedlula yonke ekhona ezweni.” Wehlela ekholiji lakhe wase edonsa ekhipha abaprofethi abangamakhulu amane. Kunjalo. Begqoke kahle, nokhololo bephendukezelwe, futhi o, babengamadoda amangalisayo, bonke abobufundisi basesontweni, osiyazi bezenkolo kuze kuyofika ngqo echashazini.

⁸⁴ Wathi, “Kulungile, banumzane abahloniphekile, nondleke kahle futhi nanakekelwa, kodwa lento enkulu, manje, ngiyanitshela engifuna nikwenze: Profethani kimi futhi ningitshele uma sifanele siye eRamoti-Gileyadi. Niyabona ukuthi izingubo zami ezinde zinkulu kangakanani, nokuthi ngingumbhishobhi omkhulu kangakanani na? Futhi nangu futhi uMbhishobhi *S'bani-bani* ovela enhla lapha komunye umbuso. Sizohlanganisa amandla ndawonye. Niyazi, siyobe sesihlangene-ke, ngakho sizokwenza izinto ezinkulu, niyazi.”

⁸⁵ Ngakho omunye wabo waze wazakhela ipheya lezimpondo, futhi uqala ukugijima ezethamelini ethi wayefuqela emuva onke amaSiriya. “Lonke izwe lingelethu, futhi ngakho-ke uzonqoba ngalokhu.”

⁸⁶ Niyazi, kukhona okuthize ngekhola, uma like laxhumana noKristu angeke nje lihambisane nalolohlobo lwezinto. Nokho, uJehoshafati omdala ehlezi phezulu lapho, wathi, “Akasekho oyedwa nje na?”

⁸⁷ “Omunye futhi na? Ngani, nanka amakhulu amane abafundile kunabo bonke, amadoda edlula onke ekhona ezweni, futhi bangaprofethi. Kungani singacela omunye futhi na?”

Ngamunye wabo une D.L.D., Ph.D., uL. ophindwe kabili, Q.S.T. Ngani, ba . . . He, ubungeke ucele ezinye iziqu! He, bayawazi umBhalo ngaphakathi ngaphandle, emuva, naphambili.”

UJehoshafati wathi, “Kodwa uyazi, nginumuzwa omncane oxakile. Ngifisa sengathi ngabe nje besi . . . Akekho omunye nje futhi na?”

“O,” wathi, “yebo, kodwa ungumgingqiki ongcewele, futhi igama lakhe nguMikhaya, indodana ka-Imla, kodwa,” wathi, “ngiyamzonda.” O!

Ngakho uJehoshafati wacabanga, “*Lokho—lokho kuzwakala njengethikithi lokudla.*” Ngakho, “Inkosi mayingasho njalo. Kodwa ngithanda ukuzwa ukuthi uthini.”

⁸⁸ Ngakho umgijimi wagijimela phezulu lapho emjondolo omncane lapho ayekhona, umbuthano omncane ndawondawo phezulu ekhoni, niyazi, futhi wathi, “O, Mikaya, uyazi ukuthini? Ufanele . . . Ngifanele ngifake umshinyana wokulalela endlebeni yakho manje.” Niyabo? “Yisho into efanayo abayishoyo. Yisho njengoba besho nje, ngoba ngiyakutshela, ukuthi onke amakhulu amane alabo befundisi basesontweni uthi sifanele—sifanele sikwenze ngalendlela, ngakho ufanele usho into efanayo.”

⁸⁹ UMikhaya wathi, “Kuphila kweNkosi uNkulunkulu, ngizosh nje lokho Ekufaka emlonyeni wami.” Ngiyakuthanda lokho, ngiyakuthanda lokho. A-hha.

⁹⁰ Ngakho bamehlisela lapho, u-Ahabi wayenelumbo elivuthayo, “Letha lowomgingqiki ongcewele phakathi kwethu ezansi lapha, kuyokona inhlango yethu yebandla ngokuqinisekile njengezwe.” Ngakho manje-ke, into yokuqala niyazi ngenkathi ekhuphuka, wathi, “Manje, ngiyakwexwayisa, akazukusho lutho ngaphandle kokubi ngami, ngoba ngiyazi uhlala njalo engimba ngabesifazane bami bephungula izinwele zabo, nazo zonke lezizinto. O, ungumgingqiki ongcewele, kunjalo!”

Manje, wathi, “Ngizohlala neZwi ngqo nokho.”

Ngakho wathi, “Mikhaya, ngingenyukela eRamoti-Gileyadi futhi ngithathe into engeyami, noma ngiyeke na?”

Wathi, “Nginike lobubusuku, ake ngibone ukuthi iNkosi izothini.”

Ngakho emva kokuba ubusuku sebedlule, uyabuya. Wathi, “Uthini na?”

Wathi, “Yenyuka, uma ufuna.”

Wathi, “Kuyoze kube nini ngikufungisa,” wazi ukuthi kwakukhona okungalungile ngalokho, “ukuthi kuphela ungitshela iqiniso.”

Wathi “Yenyuka,” wathi, “kodwa ngabona u-Israyeli njengezimvu ezihlakazekile zingenamelusi.” Futhi wathi. . .

⁹¹ Kungani na? Wayehlala neZwi likaNkulunkulu. Wayesho into efanayo eyashiwo yiZwi, ngoba iZwi likaNkulunkulu lalinomprofethi. Nomprofethi u-Eliya wathi wayengeke aprofethe okuhle ngomuntu owayemubi njengo-Ahabi. Ngakho umprofethi, iZwi lase lishilo ukuthi u-Ahabi wayezobulawa, uJezebeli wayezophiwa izinja. Futhi ngakho-ke, yini uMikhaya ayengayisho noma yikuphi okwahluka okwakushiwo yiZwi na? Kunjalo, wayefanele ahlale neZwi. Akunandaba ukuthi kuzwakala kukukhulu kakhulu kangakanani nokuthi kuzwakala kukukhulu kangakanani, qaphela iZwi, Lelo yiqiniso njalo.

⁹² Futhi ngakho-ke, laba nesibindi leligosa lesifundazwe elikhulu, noma umbhishobhi, noma ngabe kwakuyini, lammukula emlonjeni, laselithi, “IZwi likaNkulunkulu laphuma laya ngaphi lisuka kimi, uma Liye kuwe na?”

⁹³ Wathi, “Uyobona ngelinye ilanga.” Wathi, “Ngabona uNkulunkulu ehlezi esihlalweni sobukhosi, nalo lonke ibandla laseZulwini laliMzungezile, futhi Wathi, ‘Ubani esingamthola ukuba ehle futhi akhohlise u-Ahabi ukuba amkhiphele lapho futhi enze isiprofetho sika-Eliya sibe yiqiniso na?’” UNkulunkulu uyakuqaphela lokho, niyazi. Wathi, “‘Ubani ebengingamthola ukuba aphumele lapho na?’

⁹⁴ “Futhi umoya wamanga uyenyuka uvela ezansi, mhlawumbe isihogo, uyenyuka futhi wama phambi kwaKhe, wathi, ‘Ngizokwehla futhi ngingene kulabo bashumayeli futhi ngibenze bonke baprofethe amanga.’”

⁹⁵ IZwi likaNkulunkulu lizogcwaliseka, mfowethu, angikhathali ukuthi kwenzekani. UJohane wathi, “UNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe.” IZwi likaNkulunkulu!

⁹⁶ Indodana yalowomuntu yayithathe isihlalo sayo sobukhosi emva kokufa kwakhe. Ngolunye usuku ephumela lapho, wayesalokhu ebazonda labobaprofethi, futhi waphumela lapho ngolunye usuku eheleni lakhe futhi wayeqalaza, futhi wawa eheleni futhi walimala, iBhayibheli lathi wayegula. Ngakho wabiza amanye amadoda akhe futhi wathumela amabili awo, noma iviyo elincane lamasosha, ngale e-Ekroni, ngale ukuyobuza kubaprofethi bakaBalimu, noma ngabe wayezosinda noma qha.

⁹⁷ Ngakho, niyazi, uNkulunkulu wenza izimfihlo zaKhe zaziwe kubaprofethi baKhe. Kunjalo na? Ngakho, u-Eliya ezansi lapho entabeni, emuva emgedeni, elele enqwabeni ye–inqwaba yontshani obuyivukuzi, noma okuthize, emuva lapho, ibhantshi lakhe libekwe phezu kwakho, iNkosi yakhuluma kuye. Futhi

wenyukela lapho futhi wama endleleni, Wathi, “Yenyukela lapho. Yima lapho, ngoba bayenyuka.”

⁹⁸ O, lamasosha edlula ngasekhoneni, abheka, oza ehambahamba ehla ngomgwaqo, kuza umshumayeli omdala obukeka elufifi, intshebe igcwele ebusweni bakhe, nesiqephu esikhulu sesikhumba ezisonge ngaso, wayengabukeki kakhulu, kodwa wayeno-ISHO KANJE INKOSI, yileyo into esemqoka. Kwakungesikho *okuqhamile*.

⁹⁹ Ngakho, wabamisa, wathi, “Niyelani laphaya e-Ekroni na?” Wathi, “Hamba umtshela, ‘Kungani ethumele laphaya na? Yingoba kungekho Nkulunkulu kwa-Israyeli na? Akekho yini umprofethi lapha ukuba abuze na? Ukuba wayefuna ukwazi okuthile ngakho, akabuzanga ngani uNkulunkulu na? Ufanele ukuba yinkosi lapha, ka-Israyeli, pho kungani engambuzanga uNkulunkulu na? Yingoba asinaye uNkulunkulu lapha na? Yingoba asina—namprofethi ezansi lapha na?’ Kodwa ngoba wenze lokhu, hamba umtshela, ‘ISHO KANJE INKOSI, akehli kulowombhede.’” O, he!

¹⁰⁰ Ngiyazibuza namhlanje, kungani amadoda efuna ukubhema osikilidi na? Kungani abantu befuna ukuhlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku, babuke uhlelo lwethelevishini, esikhundleni sokuya emhlanganweni womkhuleko na? Kungani sifuna ukukwenza na? Ngoba akukho-kujabula endlini yeNkosi na? Yini eyenza umuntu afune uku—ukuphuza, futhi agijigijime, futhi enze kanjalo na? Yingoba asinaye uNkulunkulu na? Yingoba akusekho-njabulo endlini yeNkosi, futhi na? Yingoba uMoya oNgcwele akakakulungeli ukusibusisa sonke na? Ngabe kukhona—ngabe kukhona okungalungile ngaKho na?

¹⁰¹ Kodwa ngenxa yokuthi siyakwenza, yingalesosizathu siqalekisiwe, yingalesosizathu uNkulunkulu ebeke lento phezu kwebandla, lokhu ukubanda nokuba nomswakama, siya kwezinye izindawo ngenxa yobumnandi, esikhundleni sokuza endlini yeNkosi ngenxa yenjabulo. Indlu yeNkosi ingukuthokoza kweNkosi, ukuthokoza kweNkosi kungukuthokoza kwabantu baYo. Ifuna uze esontweni futhi ukhonze Yona, futhi ujabule, futhi wenelisekile, unikeza udumo, nenhlonipho, nenkazimulo, nokuhlakanipha, nobukhulu, namandla kuNkulunkulu, Ufuna wenze lokho.

¹⁰² Futhi manje, niyazi ngenkathi lezizithunywa sezibuya, futhi ngakho zathola...zangena kulenkosi, futhi zathi, “Indoda isithumele emuva, futhi yasitshela into *ethize-thize*.”

Wathi, “Yayingubani na? Yayigqoke kanjani na?”

Zathi, “Yayinoboya yonke indawo, futhi inesiqephu sesikhumba ezinkalweni zayo.”

Futhi wathi, “Leyo kwakungu, u-Eliya, umprofethi kaNkulunkulu, umThishibi.”

¹⁰³ O, he! Wayazi ukuthi yini eyayiza. Kwakungesikho ukuthi ngoba babengenaye uNkulunkulu, kwakungesikho ukuthi ngoba babengenamprofethi, kodwa kwaku—kwakuyizindlela zenkosi uqobo zobuthutha, kwakuyizenzo zayo zobugovu nokungamesabi uNkulunkulu, njengonina noyise. Wayemzonda lowomprofethi.

¹⁰⁴ Yingalesosizathu namhlanje ukuthi ukwahlulelwa kuphumule phezu kwezwe, akusikho ngoba singenaye uNkulunkulu, hhayi ngoba singenabaprofethi, kodwa yingenxa yokuthi abantu bayazizonda izindlela zeNkosi, futhi bathanda izindlela zezwe. Kunjalo impela.

¹⁰⁵ Kufana nomuntu nje, isiguli, sifela ezitebhisini zomnyango kadokotela ngoba siyenqaba ukuthatha umuthi waso; into efanayo. Sifela ezitebhisini zomnyango kadokotela nomuthi owenele ngaphakathi wodaba lwaso, kodwa siyenqaba ukuwuthatha. Lelo akusilo iphutha likadokotela, akusilo iphutha lohluzi lwezilwane, yiphutha lomuntu, ngoba angeke aluthathe uhluzi lwezilwane. Yilokho kuphela. Futhi leyo yinto eyingozi, impela iyiyiyo. Ungeke wathi udokotela ubeyimbangela yakho, futhi usesitebhisini sakhe ngqo somnyango, angeke awuthathe umuthi wakhe, futhi nokho unokuthile.

Manje, wena uthi, “Yakholelwa ekuphuzeni umuthi na?”

¹⁰⁶ Ngiyakholelwa kunoma yini esiza isintu ngukumesaba uNkulunkulu. Impela, kunjalo. Kunjalo impela. Ngitshela ukuthi kungani sine...besingenzani namhlanje ngaphandle kwalemitholampilo nezibhedlela, nokunye nokunye na? Impela. Ngiyazi kukhona abanye abavaliwe emva komnyango ngenkathi ngiqala ukuqala, kodwa konke kwayaphi na? Niyabo, ufanele ubuke noma yini enengqondo. Noma yini, uma—uma umuthi, izibhedlela zingesizo ezikaNkulunkulu, zingumphikukristu, zishise uziqede, zikhiphe ezweni, impela. Kodwa kuyinto yokukusiza, impela.

¹⁰⁷ Kodwa akukho namunye wabo ongakuphulukisa. Awukho umuthi ezweni, akukho dokotela...uma ekhona, unguwaka, akasuye udokotela wangempela. Uma udokotela ekutshela ukuthi banomuthi ozokuphulukisa, akazi ukuthi ukhuluma ngani. IMayo Brothers ithi awukho umuthi ezweni ozokuphulukisa, yathi, “Munye kuphela uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu, sizisho kuphela ukuthi sisiza imvelo.”

Njengoba nginitshelile, uma ngingqume isandla sami, ngawa ngafa khona lapha, wonke u—umuthi ezweni ubungeke uphulukise leso sibazi sokusikwa ummese.

Wena uthi, “Qhabo, ufile.”

¹⁰⁸ Awu, mabawugqumise nje umzimba wami, futhi ubukeke ungowemvelo iminyaka engamashumi amahlanu futhi, futhi bafake umjovo womjovo kazifo zonke kimi nsuku zonke, nakho konke okunye, futhi bekungeke kube ngcono, bagcobe umuthi

wesikhumba kuwo, bese bewuthunga, futhi banginike konke . . . ubungeke ukwenze. Uma wenzelwe ukuphulukisa umzimba, awuwuphulukisi ngani na? Nanko ulele.

Wena uthi, “Ukuphila kuphumile.”

¹⁰⁹ Kunjalo. Manje, kuyini ukuphila na? futhi ngizonitshela ukuthi uNkulunkulu Ungubani. Kunjalo impela. UNkulunkulu unguMphulukisi. Udokotela angalihlela ithambo, kodwa angeke aliphulukise.

¹¹⁰ Ukuba-ke bengigwedla imoto yami, ngephuka ingalo, futhi ngagijima ngangena, ngathi, “Hheyi Dokotela, phulukisa ingalo yami ngokukhulu ukushesha ukuze ngiphume, ngiqede ukugwedla imoto yami. Angikwazi ukudumisa into?”

Ubeyothi, “Udinga ukuphulukiswa kwengqondo.”

¹¹¹ Kunjalo. Angahle ayihlele, kodwa angeke ayiphulukise. Kunjalo. Angalikhapha izinyo, kodwa akakwazi ukuphulukisa ingoxe eliphuma kuyo. Angasika i-ependiksi iphume ohlangothini lwakho, kodwa angeke aphulukise indawo asike kuyo, ngoba akukho-mithi ezokwakha amangqamuzana, indindaphinde amangqamuzana.

¹¹² Futhi ngaphambi kokuba uphulukise noma yini, kuzofanele kube ukuphindaphindeka kwamangqamuzana, ngakho uNkulunkulu nguyena kuphela uMphulukisi. Ungeke walenza iZwi likaNkulunkulu libe yiphutha, amaHubo 103:3 athi, “NgiyiNkosi, ephulukisa zonke izifo zakho.” Ngike ngaba nengxoxiswano kwaMayo Brothers, nasezindaweni eziningi, futhi bayakusho lokho. “Asibona abaphulukisi, asizisho ukuthi singabaphulukisi, sisiza imvelo kuphela. Munye uMphulukisi, lowo nguNkulunkulu.” Ngakho uNkulunkulu unguMphulukisi.

¹¹³ Omunye wathi kimi esikhathini esingeside esedlule, wathi, “Kulungile, Mfowethu Branham, ngizokubuza umbuzo-ke.” Wathi, “Uthini ngomjovo kazifozonke ngomkhuhlane na?”

¹¹⁴ Ngathi, “Awu, he, he! Ngethemba ukuthi awubuthakathaka kangako.” Ngathi, “Buka, bekungathiwani ukuba ubunendlu egcwele amagundane edla izimbobo kulo lonke uphahla, nayo yonke into, naphansi ndawo zonke kunenqwaba, ukhipha inqwaba yoshevu wamagundane bese ufakele amagundane ushevu na? Ubulala onke amagundane, lokho akuzipheshi izimbobo. Umjovo kazifozonke ubulala kuphela igciwane, igciwane lomkhuhlane, awusakhi isicubu esidabukile, nje ufaka ushevu amagundane, yilokho kuphela, uNkulunkulu uzofanele aphereshe izimbobo. Yilokho kuphela. UyiNkosi ephulukisa zonke izifo zethu. Yebo, mnumzane.

¹¹⁵ Futhi ngibonga uNkulunkulu ngalo lonke uhluzi lwezilwane abaluthola, ngomgomo iSalk, ngikhuleke njalo njalo ukuthi uNkulunkulu uzosinika okuthile ngomdlavuzo, ngabantu abampofu abahluphekayo. Noma yini engenza ukusiza,

ngihambisana nayo, yebo, mnumzane, ngikusekela ngekhulu lamapesente. Futhi uma thina bantu abangamaKristu besingakhulekela kakhulu izinto ezinjengalokho, besingaba ngcono, izwe lonke beliyoba njalo, yebo. Amadoda amakhulu, anikela ngezimpilo zawo nje ezama ukuziphindisela kulezozinto labo bantwana abakhubazekile, nayo yonke into, impela.

116 Impela ngibonga uNkulunkulu ngakho konke Asenzele khona. Ngibonga uNkulunkulu ngemoto, ngibonga uNkulunkulu ngensipho ukugeza izandla zami ngayo, nazo zonke izihambisimshini, zonke lezozinto, ngibonga uNkulunkulu ngazo, impela. Kunesikhathi esisodwa esasingenayo insipho, niyazi, kunesikhathi esisodwa esasingenayo imoto. Uma bengifuna ukuhamba ngiwelele ePhoenix bengingasuka, kodwa ngibonga uNkulunkulu ngemoto, ngingena kuyo, ngiyaMethemba ezansi ngqo nomgwaqo ngakho konke engingahamba ngakho. Niyabo? Ngakho, sibonga iNkosi ngalezozinto. Zonke izinto ezinhle ukusisiza zivela kuNkulunkulu, impela.

117 Kodwa manje, ukuba-ke isiguli sihlezi phandle lapho ezitebhisini zikadokotela futhi nje senqaba ukuthatha umuthi waso na? Futhi uma isiguli sifa, akusilo iphutha lomuthi.

118 “Alikho ibhalisamu kwaGileyadi na? Ayikho inyanga lapho na? Pho kungani impilo yendodakazi yaMi, abantu baMi, ingasindi na? Ngabe kukhona okungalungile na?”

119 Kuyinto efanayo ebandleni. Abesilisa nabesifazane bahlala ebandleni futhi bafele ezonweni zabo, ngoba benqaba ibhalisamu likaNkulunkulu. Kunjalo. Akungoba akukho bhalisamu lapha, uMoya oNgcwele ulapha, sinenqwaba yodokotela, izinyanga. Ngakho abantu bafela ezonweni zabo, ungakubeki kuNkulunkulu, kunebhalisamu kwaGileyadi, futhi kukhona izinyanga lapho, kodwa yisimo sokuziphatha kwabantu ngakulo.

120 Manje, uma u—uthatha njengomuthi, kuyinto esabekayo uma ubuyokwenqaba umuthi. Kwesabeka kakhulu kangakanani uma wenqaba ibhalisamu likaNkulunkulu ngomphefumulo wakho, wenqaba lesi sihlungu, khona-ke kuzokwenzekani na? Ulahleke inguna phakade uma wala lesi. O, wena, umzimba wakho ungahle uwupheshe.

121 Bese kuthi-ke enye into, ungathatha umuthi, lokho okuhle komunye, kuzosiza omunye, kuzobulala omunye. Umjovo kazifozonke ucishe ubulale okwesithathu kwalokho okusizayo, uzobulala abanye futhi usize abanye, kuyinto eyingozi kakhulu. Futhi okuzosiza omunye, kuzosiza omunye. Kodwa awudingi ukuba ukhathazeke ngesihlungu sikaNkulunkulu, siyasiza, “Othandayo, makeze.” Yebo, mnumzane. Okwabo bonke, awudingi ukuba ukhathazeke ngakho, akukho-ngozi yokuzilulaza ngakho.

¹²² Uhamba uzilulaza ngakho, uthi, “Awu, ngiyakutshela, Mfowethu Branham, a—angikholwa ukuthi kungokwami.” Njengoba abantu besho namhlanje, “Angikwazi nje ukuyeka ukubhema. Angikwazi nje ukuyeka ukuphuma ngigijime.”

¹²³ Indoda yangitshela esikhathini esingeside esedlule, yathi, “Nginonkosikazi olungileyo, kodwa, Mfowethu Branham, angenzelwanga owesifazane oyedwa.” Wathi “Ngi—ngifanele ngigijime nabanye besifazane.”

Ngathi, “Uyazi ukuthi yini indaba ngawe na? Wala nje ikhambi.” Yilokho kuphela.

¹²⁴ Yileyo indaba ngabantu namhlanje. Isizathu sokuba uphuze, ubheme, uqambe amanga, webe, futhi uqophisane nakho, uqhubeke, wenqaba ibhalisamu likaNkulunkulu lothando elisidonsela ndawonye futhi lisenze sibe munye. Hhayi ngoba kungekho amandla enele kaNkulunkulu lapha ukuthumela invuselelo edolobheni, siyenqaba nje ukulisebenzisa, yilokho kuphela. Amen. Li—li—lilapha, kodwa uma ufela ezonweni zakho, ukungakholwa kwakho, akusilo iphutha likaNkulunkulu, akusilo iphutha likaMoya oNgcwele, akusilo iphutha lebandla, ngoba nje abantu bayalinqaba.

¹²⁵ Bathi inkathazo yenhliziyo ingumbulali ohamba phambili. Qhabo, qhabo, inkathazo yesono ngumbulali ohamba phambili, kunjalo, umbulali ohamba phambili. Kungene emaqenjini ethu ePentecostal.

¹²⁶ Indoda ibikhuluma nami namhlanje ngabantu bePentecostal, futhi yathi, “Uyazi ukuthini, Mfowethu Branham, sekuzoba sengathi nje angazi ukuthini.” Yathi, “Wazi inqwaba yabantu bakithi ukuthi banjani, banabantwana babo, babangenisa ngqo, babafake ohlwini lwezingane, bese bekhuphuka, futhi yileyo indlela, bakulindela nje kube ngaleyondlela.”

¹²⁷ Njengoba uDavid duPlessis wake washo ngento enjengaleyo, “Ngani, ungeke ungene kunjalo. Yilokho—yilokho okwenza amaMethodisti abe yilokho ayikho, yilokho okwenza amaBaptisti abe yilokho ayeyikho. Babelokhu nje bengenisa abantwana babo, babafake ohlwini lwezingane, futhi babakhuphule. UNkulunkulu akanamadodana angabazukulu, Unamadodana nje, amadodana namadodakazi, hhayi amadodana namadodakazi angabazukulu, uNkulunkulu akanabo abazukulu. Akanabo, niyazi, uNkulunkulu—uNkulunkulu akasuye uMkhulu, UnguBaba.” Amen.

¹²⁸ Ngethemba ukuthi angilimazi imizwa yenu, kodwa ngithemba ukuthi ngiyanesabisa kancanyana, empeleni, ukuqala into ethize. UNkulunkulu akanabo abazukulu. Futhi lapho u . . . ngoba nje wawuyiPentecostal, ubaba wakho nomama bakhokhela inani, lokho akukwenzi ube yiPentecostal uze ukhokhe inani elifanayo, futhi uthole into efanayo abanayo.

Yebo, mnumzane. Kunenqwaba yalo esele, kunenqwaba yebhalisamu kwaGileyadi namanje, inqwaba yesihlungu lapho ngenxa yesono, ukungakholwa. Yebo, mnumzane.

¹²⁹ Abazalwane bethu bePentecostal besukuma, bethi, bephika ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, nezinto ezinjengalokho, yingoba nje wenqaba isihlungu, wena mzikulu. Hhayi indodana kaNkulunkulu, indodana kaNkulunkulu izalwa nguMoya kaNkulunkulu, ingumntwana kaNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu akanabazukulu. Kunjalo.

¹³⁰ Niyazi ukuthi yini indaba na? Bayakwesaba ukuzalwa okusha, yilokho kuphela indaba. Ake ngikutshele okuthize, mfowethu, angikhathali ukuthi hlobo luni lokuzalwa okuyikho, noma yikuphi ukuzalwa kungamahlaphahlapha. Uma kusesibayaneni sezingulube, noma uma kusesitebeleni, noma uma kusegumbini eliphinki, lasesibhedlela elihlotshisiwe, noma yikuphi ukuzalwa kungamahlaphahlapha. Futhi ukuzalwa okusha kuyafana, kuyokwenza wehle futhi ukhale kakhulu, futhi uklabalase, futhi wenze izinto owawungakaze ucabange ukuthi uyozenza ngaphambili, khona ezansi lapho, lapho, mfowethu, ngiqonde ukuthi kuyoveza ukuPhila okusha, ngokuqinisekile njengezwe.

¹³¹ Kungahle konakalise isayense yakho yezenkolo, kungahle konakalise amaphathi akho amakhadi, kungahle konakalise ukubhukuda kwakho, nokudansa, nokushibilika ngezicathulo ezinamasondo, kungahle kukwenze ukhulise izinwele zakho, kungahle kukwenze uthole okuthile okwehlukile, futhi kukwenze uyeke ukubhema osikilidi, kungamahlaphahlapha, kodwa kuveza ukuPhila. Amen. Esifanele sibe nakho ukuzalwa, ukuPhila, kungamahlaphahlapha, kuzofanele kube mahlaphahlapha ngaphambi kokuba kulunge. Yebo, mnumzane. Ufanele ube nokuthi: “Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini futhi ibole,” amahlaphahlapha, ngcoliswa yikho, kunjalo, vele ufe uphele nje. Yehlela lapho, futhi. . .

¹³² Owesifazane wathi kimi ngesinye isikhathi, wathi, “O, ngingaba namahloni! Labobantu ezansi lapho,” wathi, “Angizange ngikuzwe ngisho ushumayela,” wathi, “ngani, labo besifazane nabesilisa bempongolaza, ‘Haleluya! Amen! Ayibongwe iNkosi!’ Angikuzwanga ukuthi ubuthini.”

Ngathi, “Uma bengakushongo, bekuyongesabisela ukufa.”

Wathi, “Ngenkathi lowo wesifazane esukuma emuva lapho futhi waqala ukukhala,” wathi, “uhlevane nje lugijima lwenyuka emhlangane wami.”

¹³³ Ngathi, “Uma ungake ufike eZulwini, ubuyogodolela ukufa,” ngathi, “ngoba wonke umuntu uyobe edazuluka, futhi ememeza, futhi edumisa iNkosi uNkulunkulu wethu, uNkulunkulu oyedwa kuphela.” Kunjalo.

¹³⁴ Besabani na? Ukuzalwa okusha. Yingalesosizathu sinabazukulu ebandleni. Besaba ukuzalwa okusha, besaba uMoya oNgcwele, besaba amandla kaNkulunkulu, besaba ukuthi kuzo—besaba ukuthi kuzobenza bageze okunye ukupenda ubuso kusuke kuwe, noma okuthize, yileyo indaba. UNkulunkulu usithumelela imvuselelo yakudala...?...iveze uMoya oNgcwele futhi, kunenqwaba yaWo.

“Alikho ibhalisamu kwaGileyadi na? Azikho izinyanga lapho na?”

Impela, kukhona izinyanga lapha, inqwaba yebhalisamu lapha, futhi.

“Pho kungani indodakazi yabantu baMi ingasindanga na?”

¹³⁵ Yingoba abantu bayalengqaba. Amen. Yilokho-ke. Bayala ukuhlangana ndawonye, bayala ukuba nemvuselelo. Yileyo indaba, ubugovu, nezinto zikwengamelile. Kunenqwaba yebhalisamu kwaGileyadi, kukhona izinyanga lapha, kodwa abantu bayakwala, yileyo indaba.

¹³⁶ Kwakukhona isikhathi lapho sasingenaso isihlungu somkhuhlane wemfiva obanga ukushisa nokuqubuka kwezilonda emathunjini, isikhathi lapho sasingenaso isihlungu so—so—sogomo iSalk, nezinto ezinjalo, futhi, kodwa manje sesinakho. Kunjalo impela, sesikutholile manje, sibonga uNkulunkulu ngakho. Kwakukhona isikhathi lapho isihlungu sethu sensindiso sasingsihle kakhulu, ngoba sasingamawundlu, nezinto, nezimbuzi, kodwa manje isihlungu sesiguquliwe. Impela.

¹³⁷ Lapho...Kungani bethola amakhambi emithi na? Niyazi ukuthi benzani na? Bayatadisha, bafaka *okuningi kakhulu* kwa—*kwalokhu* phakathi, *nokungaka kwalokhu* phakathi, ikhambi elenelele uku—uku—ukubulala ushevu, *nokungaka*, futhi babone udaba lwesiguli, nokuthi kuqine kangakanani okwaso... Awuwuthathi neze umuthi ngaphandle uma ubuza udokotela wangempela ngawo, ngoba ungakubulala. Futhi ngakho-ke, ngakho ba—bayathola.

¹³⁸ Bese kuthi-ke, into yokuqala niyazi, bakuputshuzela esilwaneni okuhlolwa ngaso imithi, uma sisinda kukho, khona-ke bakunikeza wena. Futhi ngezinye izikhathi... Yonke imizimba yabantu ayenziwe njengezilwane okuhlolwa ngazo imithi, niyazi, yingalesosizathu ubulala ezinye izidalwa ezingabantu. Niyabo? Bahlola isilwane okuhlolwa ngaso imithi, futhi uma lowomfo omncane ephumelela, khona-ke bakunikeza wena. Awu, yileyo ndlela abahlola ngayo umuthi, niyazi ukuthi lelo yiqiniso. Bathola into ethize bese beyinika isilwane okuhlolwa ngaso imithi, futhi uma isisindisa, khona-ke bakunikeza wena, yingalesosizathu bebulala inqwaba yeziguli, ngenxa yokuthi sonke asenziwe njengezilwane okuhlolwa ngazo imithi.

139 Awu, ake nginitshele okuthize, ngenkathi uNkulunkulu ehlola isiHlungu saKhe, Akazange athole isilwane okuhlolwa ngaso imithi, Wazithatha Yena uqobo. O Nkulunkulu! Ngenkathi Ebhaphathizwa lapho nguJohane osebeni lweJordan, nomnokoloto wehla uvela eZulwini, “Lena iNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuYo,” babekubhekisisa, babone ukuthi kuyobambeleva yini.

140 Lapho beMkhafulela ebusweni, sabamba kahle; Yena, athuke, Akaphindiselanga ngokuthuka; ngenkathi Efa eKalvari, Wakhulekela izitha zaKhe. Sabambeleva eKalvari, sabambeleva ekufeni, sabambeleva emhlabeni, sabambeleva ndawo zonke. BaMfaka ethuneni, futhi ekuseni ngePhasika sabambeleva futhi. Amen.

141 I, hhayi isilwane okuhlolwa ngaso imithi, kodwa iNdodana kaNkulunkulu yathatha isiHlungu, Yasithatha qobo lwaYo. Amen. Manje, angixhuxhumi, ngithola ukuzizwa nginokukholwa. Yebo, mnumzane. Ubani owathatha isiHlungu na? Ubani owakuhlola na? O, haleluya! Waba nguYe Owathatha izono zethu futhi wathwala ukugula kwethu. Wazithathela isiHlungu Yena uqobo, hhayi esilwaneni okuhlolwa ngaso imithi, umprofethi, noma *enye into ethize*, Wasifaka kuYe uqobo. Haleluya! Yebo, mnumzane. “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu, isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaYo, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina.”

142 Sabambeleva ehoreni lokufa, sabambeleva esiphambanweni, sabambeleva eGetsemane, sabambeleva ngaphansi kwazo zonke izilingo, konke okunye, isihlungu sabamba. Amen. UNkulunkulu wayezozama ukuPhila okuPhakade, futhi Wakufaka emzimbeni womuntu weNdodana yaKhe uQobo, wangena futhi wahlala kuYo, nesihlungu sabamba. Ngenkathi Evuka ekuseni ngePhasika Wagqabula izibopho zokufa, isihogo, nethuna futhi uyaphuma.

...wabonakala kwabayishumi nanye behlezi ekudleni, wabasola ngenxa yobulukhuni behliziyi nokungakholwa kwabo, ngokuba bengakholwanga yibo ababembonile esevukile kwabafuleyo. (Amen.)

143 Wathi, “Hambani niye ezweni lonke nishumayeleva iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa, ongakholwayo uyakulahlwa. Ngokuba Ngizobanika isihlungu esithile. Uma Ngibanika lesihlungu izinto eNgizenzayo, nabo bayozenza. Ngizonokolota iBandla lonke lapha,” Washo. “Izwe lonke, lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Haleluya! “Lezizibonakaliso eNgazenza, ziyokwenza futhi, ngoba Ngizonokolota iBandla ngesihlungu esifanayo. Ungabhaphathizwa, isihlungu esifanayo eNginokolotwe ngaso na?” Amen.

¹⁴⁴ Yileyo indaba namhlanje, sithathe isivumokholo esidala sebandla kube umnokoloto, yingalesosizathu isono sangena ngokunyanya. Uma sithola lowoMoya ofanayo owawuphezu kwaKhe, lowombhaphathizo ofanayo, lawomandla afanayo, leyonkazimulo efanayo, lowoMoya oNgwele ofanayo, Uyosinokolota ngokufanayo nje njengoba WaMnokolota, ukhiphe konke ukwesaba. Haleluya! Yima ebusweni besitha futhi ubize iZwi likaNkulunkulu ngeQiniso. Amen. Ukunike umgogodla onjengesaha logodo, ukhiphe ithambo lesifuba, bese ufaka umgogodla wangempela kukho. Yebo, kuzokwenza. “Ungabhaphathizwa ngomnokoloto enginokolotwe ngawo na?”

¹⁴⁵ Impela wabambeleva empilweni yaKhe. Ngenkathi eMphimisela ebusweni, Akashongo ukuthi, “Wena Trinity endala, wena Oneness endala!”

¹⁴⁶ Qhabo, qhabo, kwakungesikho lokho, qhabo, qhabo, Wayenokolotiwe ngothando lukaNkulunkulu. “Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, Waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa, yilowo nalowo okholwa yiYo akayikubhubha.” Wayenokolotiwe, omncane, umzimba ozalwa yintombi uNkulunkulu waseZulwini ayehlala kuwo. Wayenokolotwe ngoNkulunkulu, ukuPhila okuPhakade kwakungukunokolota kwaKhe. Futhi kwabambeleva ngesikhathi sokulingwa, kwabambeleva ngesikhathi so, lapho wonke umuntu eMshiyile, wabambeleva, wahlala kahle. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹⁴⁷ . . .isitha ebusweni bokufa. Futhi babefuna lowomnokoloto ofanayo, ngoba emva kokuba efile futhi esethuneni izinsuku ezintathu nobusuku, lapho onke amazulu aba mnyama buqo, umhlaba wathatha ukugula kwemizwa, nawo onke a—amadwala aqhekezeka aphuma ezintabeni, nayo yonke into yafakaza ukuthi Wayefile futhi Wayesethuneni, futhi ngeSonto ekuseni umnokoloto wabamba, ngoba Wathi, “Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi phansi, namandla okukuvusa futhi. Lomnokoloto eNginawo uzobeka ukuphila phansi, futhi Ngizokucosha futhi.”

“Mfowethu, yilokho engikufunayo. Ngifuna ukwelula ingalo yami.”

¹⁴⁸ Awuwutholi engalweni, uwuthola enhliziyweni. Bambelela umnokoloto wokuvuka, wamandla kaJesu Kristu. Haleluya! Umnokoloto. Manje, awufuni ukubhala noma yisiphi isivumokholo phezu kwalapha, vumela nje uKristu angene, lokho ngumnokoloto, Akazange akuzame ngesivumokholo, Ukwenze ngoMoya waKhe.

“Alikho ibhalisamu kwaGileyadi na? Akukho zinyanga lapho na?”

O, yebo, sinakho kokubili ibhalisamu nezinyanga.

“Pho kungani na?”

Lokho ngukuthi, uNkulunkulu uzosibuza, “Kungani na?” ngezinye zalezizinsuku. “Kungani na?”

¹⁴⁹ Babefuna ukunokolotwa, ngakho Wathi, “Ngiyanitshela ukuthi nenzani, yenyukelani emzini waseJerusalema, futhi nikhwele kulelokamelo eliphezulu, futhi nihlale lapho umnokoloto wenu uze ufike.” O, mfowethu! “Hlala uze unokolotwe, kuze kwehle isihlungu, kwehle ibhalisamu.”

¹⁵⁰ Futhi ngenkathi bonke behlezi ndawonye, becula amahubo nganhliziyonye, ngokungazelele kwavela eZulwini inhlokomo njengokuvunguza komoya onamandla, kwanokolota ikhulu namashumi amabili phandle lapho. He, ilumbo elinje pho ababenalo! O, he!

¹⁵¹ Njengokushaya uphawu enkonyaneni, ngangivame ukushaya uphawu amankonyane, njalo ngangimdabukela umfo omncane. Futhi ngangi—ngadingeka ngigibele ukuletha insimbi, nani baseTexas niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Futhi ngakho-ke, babembopha wonke amanqina, bese bedumela lensimbi endala laphaya, bese beyishaya kuye, ngiqonde ukuthi ubeyoba nokugongobala. Uyokhahlela, futhi aklabalase, futhi aqhubeke lapho isikhathi eside, kodwa, mfowethu, wayazi ukuthi wayengowakuphi kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, washaywa uphawu. Kunjalo.

¹⁵² Futhi ngezinye izikhathi kuzokwenza wenze sengathi awunawo umqondo omuhle, kodwa ushaywe uphawu, uyazi ukuthi ukuphi, futhi ungomunye wabo ogcwaliswe ngoMoya oNgewele, unokolotiwe.

¹⁵³ Ikhulu namashumi amabili lathola ukunokolotwa. O, babenesikhathi, engiqonde ukukusho. Babethola isikhathi esikhulu ngempela. Baphuma lapho bonke benokolotiwe, babenokuPhila okuPhakade, bazi ukuthi uNkulunkulu wayezobavusa ngezinsuku zokugcina, futhi babenesikhathi esikhulu.

¹⁵⁴ Futhi babegwele kakhulu inkazimulo, abanengi babo babengakhuluma ngezilwini ezine, ezinhlanu, eziyisithupha, eziyisikhombisa, eziyisishiyagalombili, eziyishumi ezechukene, kodwa abakwazanga ngisho ukuthola nolulodwa lwabo ukuba baMdumise ngalo, ngakho bavele nje, uNkulunkulu wabanika ulwimi olusha sha ukuba baMdumise ngalo, ngakho baqala nje ukukhuluma ngezilimi ezingaziwa njengoba uMoya ubapha ukuphumisela. Nje babe... Babenokolotiwe. Lokho kwakhombisa ukuthi babenokolotiwe, babe—babekhuluma ngoMbuso lapho ababeya khona. Babenokolotiwe.

¹⁵⁵ Umbuzo wesono wawusuphelile. UPetru wayengeke adingeke ukuba aphume futhi akhale kamunyu, kwase kuphelile ngaleyonkathi, wayenokolotiwe. Yebo, mnumzane.

¹⁵⁶ Futhi niyazi ukuthini? Abanye balabobantu balambela kakhulu okunye kwalokho, niyazi ukuthi benzani na? Bathi,

“Madoda bazalwane, singenzenjani na? Ninaye udokotela lapha na?”

“Yebo.”

“Kuyini lokhu na?”

“Leli yibhalisamu.”

“Unodokotela lapha na?”

“Yebo, igama lakhe nguDokotela uSimoni Petru.”

“Kulungile, Petru, ungasibhalela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo na?”

“Yebo. Angifuni ukuba ngibhale lesi ngaso sonke isikhathi, ngizobhala nje esisodwa ngaso sonke isikhathi. Ngizonibhalela isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo.”

¹⁵⁷ Manje lalela, mfowethu, uyazi ukuthini? Uma isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo sibhalwe kahle, ungalokothi usiyise kwesinye salezi zitolo zemithi ezinguwaka esifaka okuncanyana kuso, noma sengeze okuncanyana... suse kuso. Uma ufaka noma yini ehlukile kuso bese uxuba leyondlela yokwenza, sizobulala isiguli sakho; futhi uma ukhipha okuningi kakhulu kwekhambi, noma ufake okuningi kakhulu kwekhambi phakathi, ngeke kusize nakancane, ngakho nje sishiye ngendlela esilotshwe ngayo.

¹⁵⁸ Wathi... Hlobo luni lwesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo na? Wathi, “Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono, khona niyakwamukeliswa iSiphiwo sikaMoya oNgwele. Ngokuba lesi sithako somuthi nokusetshenziswa kwawo ngesabantwana benu, nabantwana babantwana benu, nesabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.” Umnokoloto. O, mfowethu, phenduka futhi ulungisane noNkulunkulu. Susa zonke izinto... UNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyokunika uMoya oNgwele. Leso yisithako somuthi nokusetshenziswa kwawo.

¹⁵⁹ “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha amademoni, bayakukhuluma ngezilimi ezintsha, uma bephatha izinyoka noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza, ngokuba banokolotiwe. Futhi bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo, futhi bayosinda.” Haleluya!...?... Lishumayele ngendlela eLiyiyo.

“Alikho ibhalisamu kwaGileyadi na? Noma awukho yini umnokoloto lapha na?”

¹⁶⁰ Kunenqwaba yomnokoloto. Haleluya! Whewu! Mm! Yebo, mnumzame, ibhalisamu, ibhalisamu kwaGileyadi! Unokolotiwe. Ungamela ukunambitha kokufa. Woza ngqo ebusweni be... .

¹⁶¹ UPawulu oNgwele, ngesinye isikhathi babakha isikafula sokunquma intamo yakhe lapho eRoma, ngama endaweni

efanayo, uPawulu wathi, “O kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Nginokolotiwe, uzongibamba kanjani na? Uzongiphendula kanjani na? Kodwa makabongwe uNkulunkulu, Owathumela amabhalisamu akwaGileyadi futhi wanokolota inhliziyi yami ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Akukho lutho oluzayo, olukhona, akukho-nhlangano, noma lutho olungake lusehlukanise nothando lukaNkulunkulu, olukuKristu Jesu.” Haleluya! Inqobo nje uma sikuNkulunkulu, sinokolotiwe ezintweni zezwe.

¹⁶² Imingcele yenhlangano, uyogxuma unqamule kuyo ngqo, bese ugoni intamo yomunye umfowethu uma unomkoloto. Amen.

O, ngizizwa ngikahle. O, sasivame ukucula iculo elincane:

Ngondiza ngihambe, o udumo,
 Ngizondiza ngihambe;
 Ngokunye ukusa okukhanyayo lapho lempilo
 isihambile,
 Ngizondiza ngihambe.

¹⁶³ Ngijabula kakhulu ukunokolotwa. O, iNdodana kaNkulunkulu yakuthatha kanjani ukuPhila kwaYo uQobo futhi yakujovela empilweni yami, ikujovela empilweni yakho, bese-ke uyehla bese ekunika amandla ngoBukhona baKhe! O, he!

¹⁶⁴ Niyazi, ngokwejwayelekile lapho uthatha uhluzi lwezilwane, njalo ngasikhathi, unokolotiwe, kodwa ufanele uthole isikhuthazi, nalokho lelidolobha elikudingayo ebandleni lePentecostal namhlanje yisikhuthazo. Haleluya!

¹⁶⁵ Ungakukhuthazi ngokuthi, “Sizokwenza ezinye izinhlangano ezimbalwa,” lokho kuyokona isithako sakho somuthi nokusetshenziswa kwawo. Buyela emuva ngqo bese uthatha isikhuthazi sayo impela into efanayo engena lapho endaweni yokuqala, umbhaphathizo ofanayo ngesithako somuthi nokusetshenziswa kwawo esifanayo, noMoya oNgcwele ofanayo. Amen. Amen. Udumo kuze kube phakade, naphakade, udumo namandla ekuvukeni kukaKristu!

¹⁶⁶ Wayesethi-ke, “Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza, ngoba ninokolotiwe.” Amen. Unokolotwe ngamandla okuvuka, “ukunambitha ngaphambili kwenkazimulo yobuNkulunkulu.” Amen.

¹⁶⁷ Ngiyazi nicabanga ukuthi nginomsindo, kodwa, he, uzizwele ngendlela engizwa ngayo, ubuyoba nomsindo, nawe. Unokolotiwe, ushaywe uphawu, ngijabula kakhulu ukuthi ngiyazi ukuthi ngingowakuphi, endlini kaNkulunkulu. Anijabuli, maKristu na? O, Ulapha, o, ngale kwethunzi lokungabaza. Asikhothamise amakhanda ethu futhi siMkhonze.

168 Nkosi Jesu, O Nkulunkulu, uMoya waKho ucebe kakhulu futhi:

Ucebile futhi umsulwa kanjani!
Luyohlala isikhathi eside kuze-kube phakade,
Iculo labaNgcwele neziNgelosi.

169 Uthando lukaNkulunkulu, olufinyelela ngaphesheya, oluya ezinjulweni, olufinyelela kowileyo, uthando lukaNkulunkulu oluchithwe yonke indawo enhliziyweni yethu ngoMoya oNgcwele!

170 Nkosi, sinebhalisamu, sinomnokoloto, sinezinyanga lapha ezingafunda isithako somuthi nokusetshenziswa kwawo, Nkulunkulu, Ulapha njengoSokhemisi ukusigcwalisa, futhi unikeze umnokoloto. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokupha yonke inhliziyo kulobubusuku enganaki ngakuKristu. Siphe khona. UMoya waKho omkhulu mawuze ngaphambili manje futhi ukhombise amandla aWo. Siphe khona.

171 Njengoba ngizibeka mina uqobo phezu kwalamaduku, izindwangu, izindwangu ezincane, kwangathi uMoya oNgcwele oletha lokhu kuthokoza kweziphethu zokuPhila kulelibandla, O Nkulunkulu, kwangathi Ungashanela kuzo zonke lezi zindwangu ezincane. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi bangabusiwa ngamunye, nabantu baphulukiswe. Ngibanikela kuWe, Nkosi, kanye nezethameli, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen futhi amen.

172 O, he! Ngijabule kanjani—kanjani! O, ngijabula kakhulu, ngijabula kakhulu. Mm! Ngenkathi ngangivamise uku... Ngenkathi ngisengumqaphi wezinyamazane, ngedlula, lapho kwakuvame ukuba nesiphethu esincane esidala, kwakuyisiphethu esijabule ukwedlula zonke engake ngazibona, sasi*phuphuma* nje, s*iphuphuma*, s*iphuphuma* ngaso sonke isikhathi, isikhathi sasehlobo, isikhathi sasebusika.

173 Ngolunye usuku ngahlala phansi ngasesiphethwini esidadlana, ngase ngithi, “Yini ekujabulisa kangaka na?” Kusobala sasingengiphendule. Futhi ngacabanga, “Manje, uma besingangiphendula, besingathini na?”

Ngithi, “Uyajabula ngoba izinyamazane amadiye ziphuza kuwe na?”

“Qhabo.”

Ngathi, “Uphuphuma ngani na? Ngoba amabhere aphuza kuwe na?”

“Qhabo.”

“Uyaphuphuma ngoba ngiphuza kuwe na?”

“Qhabo.”

Ngathi, “Yini ekwenza uphuphume ngaso sonke isikhathi na?”

Ukuba besingakhuluma, besiyothi, “Mfowethu Branham, akusimina engiphuphumayo, kuyinto ethize emva kwami engiphuphumisayo, ingiphusha.”

174 Futhi kungaleyondlela ngendodana kaNkulunkulu ezelwe ngokusha enokolotwe ngamandla kaJesu Kristu ovukileyo. “AkuMina owenza imisebenzi,” kwasho uJesu. “NguBaba ohlala kiMi, NguYe owenza imisebenzi.”

175 Akusikho, uma nje umuntu othize lapha engakuqondi, akusibo lababantu abaphuphumayo, yiNto ethize ezansi lapho ebaphuphumisayo, kunjalo, kuphophoza, amagiza, kuphuphuma. Watshela owesifazane emthonjeni, amanzi ayoba yimithombo yamanzi, eqhuma phezulu ekuPhileni okuphakade.

176 O, akumangalisi imbongi yathi, “Kuyinjabulo engakhulumekiyo negcwele inkazimulo.” Amen. Whewu! O, ngizizwa ngingusayizi wami ophindwe kabili. Yebo, mnumzane, ngisekhaya manje. Ngijabula! Ngijabula ukuthi siphumile. Anijabuli na? O, he, uNkulunkulu abengakwenza ngaleliqembu elincane khona manje!

177 Angakwenza uma Engake aze athole umuntu oyedwa ekuxhakathiseni kwaKhe ukuze nje Akwazi ukubamba lowomuntu oyedwa! Anga—Angandizisa izinkulungwane eziyishumi ngalowomuntu oyedwa. Ngomuntu oyedwa ekukholweni kwangoqobo, Angagijimisa odeveli abayizinkulungwane eziyishumi, kanzima ngakho konke abangakwenza. Yebo, mnumzane. Amen. Ngijabula kakhulu, anijabuli na?

178 Sasivame ukucula iculo elincane ngenkathi ngiqala ukungena kubantu bePentecostal, babethi, “Ngijabula kakhulu ukuthi uJesu ungikhululile.” Impela, wawuboshelwe phansi wonke, Ukunika umnokoloto, lokho kwakwenza, yilokho kuphela okwakuthatha. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

O, lokho akwenzi yini okuthize kuwe na? O!

Ng'yaMthanda . . . (Kucabangeni nje.)
Ngoba Wang'thanda kuqala (Wenzeni Yena na?)
Wasinokolota.)
Futhi Wathenga (Wathenga isiHlungu.)
insindiso yami
Emthini waseKalvari.

179 O, ngijabule kanjani! Ngijabula kanjani ukuthi ngake ngakuthola lokhu! Ngijabula kanjani ukuthi ngake ngazi,

ngike ngifike endaweni lapho engingabona khona ukuthi ngangingelutho! Futhi ngoluny'usuku Wangiqukula, wanganga, zonke izinyembezi zami zasuka, wayesethi, "UsungowaMi manje."

¹⁸⁰ O, lokho nje kwangephula inhliziyo yami, ngase ngithi, "Nkosi, mangihambe neNkosi ekuKhanyeni kweZwi laYo. Mangihlale imini nobusuku ogcobweni lukaMoya." Nje, kuyadabukisa ukuthi sike size sifanele sikushiye, akunjalo na? Kuyamangalisa nje.

¹⁸¹ Khumbulani, bangane, ngiyanihanda. Ubusuku ngeke bube mnyama kakhulu, nemvula nayo. . . ina—ina ibe qatha kakhulu, kodwa lokho ebengingakwenzela noma yini ebengingakwenza. Khumbula nje, nginguwe mfowethu, ngikuthanda ngenhliziyo yami yonke.

¹⁸² Noma yimaphi amakhadi omkhuleko akhishwayo na? Ukhona onekhadi lomkhuleko na? O, ngikukhohliwe. Awu, asikho isidingo sokubiza *oyedwa*. Kulungile, asidingeki ukukwenza, uNkulunkulu uzophulukisa ngokufanayo nje.

¹⁸³ Uyawukholwa umnokoloto na? Uyakholwa ukuthi uJesu wenza indlela ngeGazi laKhe, ukuthi Wayengafaka uhluzi lwaKhe lwezilwane ekholweni, nalelolkholwa, lunalolohluzi lwezilwane olufanayo kulo, luyokwenza into efanayo olwayenza kumuntu olandelayo. Luyokwenza. . . O, Uyamangalisa, Akanjalo na? "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza."

¹⁸⁴ Kulungile, nina bantu phandle lapho, uma uNkulunkulu ezofakaza manje. . . Bangaki ogulayo na? Ake sibone izandla zenu, ufuna usizo oluvela kuNkulunkulu, phakamisani izandla zenu nje. Kulungile. O, Aka—Akasiyo nje injabulo engakhulumekiyo negwele inkazimulo na?

Manje, asihloniphe ngokuzithoba nje ngakho konke esingakwenza imizuzu embalwa, futhi nje sibheke kuYe manje. Ungavele nje. . . ? Lezozihlambi zesibusiso!

"Siyakuba nezihlambi zesibusiso,"
Zithumele phezu kwethu, O Nkosi;
Siphe manje ukuhlunyeleliswa.

Anikuthandi lokho, lokho kuhlumelelisa, lokho kuPhila na?

¹⁸⁵ Mfowethu, dadewethu, ngifuna ukukutshela okuthize: Ngifuna ungikholwe njengoba ngikhuluma eGameni leNkosi futhi ngithi, "ISHO KANJE INKOSI." Yinye kuphela Into engakuphulukisa, nalowo nguNkulunkulu; futhi umzila owodwa kuphela ongeza kuYe ngawo, lokho kungokukholwa. Ngabe kunjalo na?

¹⁸⁶ Manje, siyazi ukuthi siyakholelwa ekubekweni kwezandla. Anikukholwa lokho na? Kodwa uma nizongibekezelela, benilokhu nizibuza njalo, abantu bathi, "Mfowethu Branham,

u-Oral Roberts ukhulekela amakhulu amahlanu ngenkathi usakhulekela abahlanu.”

¹⁸⁷ Ngiyakwazi. Kunjalo. U-Oral Roberts ubakhulekela ngendlela uNkulunkulu amtshela ukuba enze ngayo, ngikhuleka ngendlela uNkulunkulu angitshela ukuba ngenze ngayo. Niyabo? Ngakho u—u—ulalela uNkulunkulu, nami ngiyamlalela, futhi.

¹⁸⁸ Kodwa niyabo, u-Oral Roberts nalabo bazalwane lapho, bebeka izandla, uma nizongibekezelela, lelo yisiko lamaJuda, kwakungenjalo kwabeZizwe.

¹⁸⁹ Bukani u—umpristi, wathi, “Woza, ubeke isandla saKho phezu kwendodakazi yami, futhi u—uzosukuma, uzoba kahle uma Uzoza ubeke izandla zaKho phezu kwakhe.” Lobo ngubuJuda, beka izandla.

¹⁹⁰ Kodwa ngenkathi Efika enduneni yekhulu engumRoma, yathi, “Angifanele ukuba Ungene phansi kwendlu yami, khuluma iZwi nje.” Yaqondani na? Ukuthi uJesu wayenamandla phezu kwakho konke ukugula. Yathi, “Ngiyi—ngiyi—ngiyinduna yekhulu,” lokho ngamadoda ayikhulu, *ikhulu* ngamadoda ayikhulu, “Ngithi *kulo*, ‘Hamba wenze *lokhu*,’ futhi uyakwenza, ngithi *kulo*, ‘Woza,’ futhi uyeza, ngoba ufanele, ngingaphezu kwakhe.” Yathini, *okungaka* na? “Ngiyazi ukuthi Ungaphezu kwakho konke ukugula, zonke izifo, khuluma iZwi nje, yilokho kuphela Ofanele ukwenze.”

Wathini uJesu na? Waphenduka, wathi, “Angikaze ngikubone ukukholwa okunje kwa-Israyeli.”

¹⁹¹ Manje, sifuna ukuba nakho endaweni ephakeme, asifuni na? Ukuphulukisa sekuvele kwenziwe eKalvari. Manje, uma uNkulunkulu ezoletsa okungenani abantu ababili kuya kwabathathu kulezizethameli kulobubusuku engingazi lutho ngabo, futhi uzokhombisa ukuthi engikushumayelile kiny kuyiqiniso, uma nje Ezofakazisa ukuthi nginitshela iqiniso. . .

¹⁹² Manje, zivalele nje emzuzwaneni nje, yisho lokhu: “Nkosi Jesu, indoda ayingazi.”

¹⁹³ Manje, kukhona cishe abantu ababili noma abathathu engibaziyo phandle lapho. Ngiyamazi uMfowethu noDadewethu Evans abahlezi lapha, nalawa amadodakazi abo amabili ehlezi khona lapha. Besé kuthi-ke uMfowethu Sothmann, uMfowethu Fred Sothmann lapho, ungomunye wabaphatheli ebandleni lami eJeffersonville. Futhi ngicabanga ukuthi uMfowethu Simpson, lowo nguye nomkakhe, noMfowethu, uDadewethu Simpson ohlezi eduze kwabo ngqo, bangemuva ngapha ingxenye.

¹⁹⁴ Manje, ngifuna nje ukubuka izethameli umzuzwana nje, ngifuna nikhholwe ngayo yonke inhliziyo yenu. O, anazi ukuthi kanjani lokho. . .Ngikuzwile nje kungishaya ngaleyonkathi nje, niyabo, ngi—ngiyazi ukuthi kuzokwenzeka, yilokho

kuphela nje. UNkulunkulu ukwethembisile, izithembiso zaKhe ziyiqiniso. Uzokukholwa na? Ngikholwe njengenceku yaKhe. Kuyamangalisa!

¹⁹⁵ Njengoba nganginitshela ngolunye usuku ngokuma, eNdiya, niyazi, lapho lezozinkulungwane zazikhona, manje yileyondlela nje okwakungayo. Unakho esandleni sakho ngqo, uNkulunkulu ukunikezile ngqo.

¹⁹⁶ Ngithatha wonke umoya phakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami uqobo, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

O, yini ebizenzeka nje manje!

¹⁹⁷ Niyabo, siyathokoza, lokho ngukuthokoza kukaNkulunkulu, lokho ngukuthokoza kwensindiso yethu. Ngabe kunjalo na? Niyabo uDavide akazange alahlekelwe yinsindiso yakhe, wathi, “Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yami.” Wayensindiso yakhe, kodwa walahlekelwa ukuthokoza kwakhe.

¹⁹⁸ Awu, sinenqwaba yokuthokoza, siyakwazi lokho, sinokuthokoza, “Injabulo engakhulumekiyo negcwele inkazimulo,” sinakho. Kodwa manje, into, amandla kaNkulunkulu ayinto enkulu ngokwedlulele kunokuthokoza, amandla afika ngokukholwa okuxazululiwe. Singaba nenqwaba yokuthokoza, kodwa mhlawumbe besingeke sibe namandla phakathi lapho ukuphulukisa nhlobo. Kodwa lapho si—sinamandla kaNkulunkulu, khona-ke sinokukholwa kukaNkulunkulu okukhuphukayo, kubamba uNkulunkulu, kuyazi ukuthi Uthintwa kanjani.

¹⁹⁹ Manje, khuleka nje. Ngikubhekile. Uma Engangithinta, khona-ke ngiyazi.

²⁰⁰ Noma ubani lapha ongakaze abe komunye wemihlangano na? Ake sibone izandla zenu. Awukaze ube komunye wemihlangano ngaphambilini na? Indoda eyodwa, amadoda amabili, amadoda amathathu, amane, amahlanu, lokho kuhle, ayisithupha. Abantu abayisithupha babengakaze babe kuwo ngaphambilini. Ngifuna ukunitshela okuthize-ke, bazalwane, kanjani uJesu waqond-...izwe lamqonda kanjani uJesu njengoMesiya na? Ngenxa yokuthi Wayekwazi ukubatshela ukuthi babengobani, noma babeyini, noma . . .

²⁰¹ Ngenkathi uSimoni Petru enyuka, umdobi omdala nje, Wathi, “Wena unguSimoni, uyindodana kaJona,” uPetru waMkholwa; ngenkathi Efika ku, awu, sisanda kudabula kulo lonke iBhayibheli, izolo ebusuku sithathe uZakewu samenyusela esihlahleni; uBartimewu oyimpumpethe, ngenkathi eMthinta, waphenduka, futhi wamtshela; owesifazane emthonjeni, u . . . wamtshela ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi, wayesethi, “Wozani nibone uMuntu Ongitshela izinto engizenzile! Kungebe nguye impela uMesiya lona na?”

202 Akazange akwenze kunoma yimuphi wabeZizwe, kwaya kuphela kumaJuda namaSamariya, ngoba ayebheke uMesiya. Manje bona, iminyaka emide eyizinkulungwane ezimbili bazulazula ebumnyameni, kodwa manje abeZizwe usebe nezinsuku zabo zokuqeqeshwa, futhi manje bahluza iBandla manje. Sekwehlele ekupheleni, njengoba nje kwakungukuphela kwabo, iminyaka eyizinkulungwane ezine, bese kuthi-ke ukuphela kwabo, manje, yiminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ngoba nje Uthatha a—abantu, hhayi isizwe, abantu nje abaphuma kwabeZizwe ngenxa yeGama laKhe, bayoba neGama laKhe, niyabo, ngenxa yeGama. Uthatha abantu kwabeZizwe, kodwa-ke Uthatha u-Israyeli ngesizwe.

203 Kodwa UnguKristu ofanayo, futhi Wethembisa njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaLoti, into Ayenzayo, Uyoyenza futhi. Bangaki abangathanda uku...okholwa ukuthi leyoNgelosi kaNkulunkulu ukuthi leyo Eyahlangana noLoti, e, yahlangana no-Abrahama...? Ayizange yehlele kuLoti, Yahlala no-Abrahama. Nina, niyifundile yini indaba, manje, izikhathi eziningi na?

204 Manje, kukhona ezimbili zazo ezehlela kuLoti, neNye yazo...Zabakhipha, kodwa leYo ayizange yehle, futhi leyo kwakuyiYo eyayiyiNkosi uNkulunkulu, u-Elohim. Futhi Yayifulathele ithende ngomhlano waYo. Kuqala, Yabuka ku-Abrahama, yayisibuza u-Abrahama ukuthi wayekuphi umkakhe, uSara.

Wathi, “Usethendeni emva kwaKho.”

205 Yathi, “Ngizokuvakashela ngokokuphila,” isikhathi sokuphila, izinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalombili futhi. Wayeneminyaka eyikhulu ubudala ngaleyonkathi, khona impela emashumini ayisishiyagalolunye, wayenamashumi ayisishiyagalolunye, u-Abrahama wayenekhulu. Futhi wathi... Futhi wahleka. Wathi, “Uhlekeleni na?”

206 Manje, Yathi lokho kuyophinda futhi, ngizokwenza nje ngezindlela zombili, ngibone ukuthi nguNkulunkulu ofanayo yini. Manje, kwangathi uNkulunkulu waseZulwini... Futhi bukani, naleliBhayibheli, ake ngisho lokhu, maKristu, leliBhayibheli phezu kwenhliziyo yami... .

207 Nginokungakhohwa okuncane kunyonyoba, oyedwa ungena izolo ebusuku, wahlala phezulu lapho onqenqemeni lomsamo, walimaza umhlangano, uNkulunkulu uzokunakekela lokho. Ngacabanga ukuthi ngangingakwazi. Hhe! Ungalokothi ukucabange lokho, Mfowethu.

208 Ake ngisho lokhu neBhayibheli phezu kwenhliziyo yami: Ngenza lokhu, hhayi ukubukisa, ngenza lokhu ngoba kungokokugcwalisa lokho uJesu athi kuyokwenzeka.

209 Ngenkathi Efika, Wayengadingekile ukuba aphulukise, Wakwenza ukuze kugcwaliseke. Ngabe kunjalo na? Lokhu

akuna...Akadingi ukuba enze lokhu, kodwa ukuze kugcwaliseke, Wakwethembisa, yiZwi laKhe. Futhi ngakho Uyakuvumela nje ngenxa yokugcwalisa iZwi laKhe.

UNkulunkulu angaphulukisa yini inkathazo yenhliziyi na? Wakwenza ngaleyonkathi, Akakwenzanga na? Konke sekuphelile manje.

Angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami, kodwa usephulukisiwe manje. Ngabe lokho kuyaligcwalisa iZwi laKhe na?

Awu, wena uthi, “Mfowethu Branham, lokho kugcwalisani na?”

UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na?

“Awu, bengicabanga ukuthi uthe Wayengu-*El*, u-*Elah*, u-*Elohim*.”

Kunjalo.

“Awu, uthe Wayefulathele ngomhlane waKhe, futhi Wathola ukuthi uSara wayenzani.”

Ngokuyikho.

Manje, wena uthi, “Ingabe unguYe na?”

Qhabo, mnumzane!

²¹⁰ Lowo nguYe kuso sonke lesisakhiwo. Niyabo? Lowo nguYe ekuwe, NguYe kimi, kodwa Uzofanele asebenze ngomunye umuntu. Akukho namunye wethu ofanelekile, besingeke safaneleka, siyizoni, kodwa Wasikhetha nje. Ngikholwa ukuthi sasi...ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu wasikhetha ngaphambi kokusekelwa kwezwe, iBandla laKhe. Uyakukholwa lokho na? IBhayibheli lisho njalo. Kunjalo. “Umphekristu uyodukisa bonke abasemhlabeni abamagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu kusukela ekusekelweni kwezwe.”

²¹¹ Khuleka phakathi lapha, ndawondawo, khuleka futhi ubone. O, bazalwane, kuvela kini, futhi, emuva lapha. Manje, khulekani kanye nami nje, bafowethu, sizobona ukuthi leyoNgelosi efanayo ikuphi.

²¹² Manje, thatha isikhathi sakho nje, hlonipha ngokuzithoba, sizothatha isikhathi sethu nje. Sinenqwaba yesikhathi, ungabi ngongajahile nje. Ungacindezeli, hlala uthule nje, uthi, “Nkosi Nkulunkulu, leyondoda ingifulathele. Futhi ngiyazi ukuthi ingumuntu nje, ngakho uma i—ibiyongazi mina ibiyo... kufanele kube nguWe uyitshela, yilokho kuphela okukhona kukho, ngoba ngiyisihambi nje esihlezi kulomhlangano lapha.”

Yebo, kukhona owesifazane obonakala kimi khona lapha manje, ngiyambuka ngqo.

²¹³ Ngifuna nina bazalwane, bukani *lapha*. AniKuboni na? Bukani *lapha*, khona impela emphethweni walendwangu *lapha*. Niyakubona *lokhu* okubomvu na? Niyabo? Bukani *lapha*, niyakubona lokho kuKhanya na?

²¹⁴ Manje, kukhona owesifazane ohlezi phakathi ngqo emva kwami, uphatheke kabi kakhulu. Unesifo samathambo, futhi unomfutho wegazi ophakeme, uhlushwa ukuguliswa ngokungahambisani nomzimba wakhe, futhi awu, unokulakanyanayo nje. Manje, uma nje engakugeji lapho ngiphenduka! Igama lakhe nguNkk. Kahn. Sukuma, Nkk. Kahn, yemukela ukuphulukiswa kwakho.

Manje uyakholwa na? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, khona-ke.

“Abrahama, uphi umkakho, uSara na?”

“Ethendeni emva kwaKho.”

Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Kuthiwani ngabanye benu nonke na? Kungenzeka yini kuwe na? Ungakwenza uma uzokukholwa.

Lapha, niyabona lona wesifazane omncane ohlezi khona lapha na? Niyakubona lokho kuKhanya nje ngenhla kwalapho na? Bukani *lapha*.

²¹⁵ Ubuke phezulu kimi khona-ke, uyakhuleka. Akazikhulekeli yena uqobo, ngokwendodana. Yilokho obukucela, indodana yakho, bekungesikho, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini inkathazo yakhe na? Uzokwemukela ukuphulukiswa kwayo na? Inkathazo yesisu. Kunjalo. Kukholwe nje, yilokho kuphela.

²¹⁶ Kuthiwani ngomunye umuntu ngale kulesisifunda na? Yini nonke eniyikholwayo laphaya na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Yiba nokukholwa, kholwa nje. Bangaki ngapha ogulayo, futhi abangenalo ikhadi lomkhuleko na? Uqala nje ukuncibilika kuwe manje. Niyabo? Ufuna umkhuleko, kodwa awunalo ikhadi lomkhuleko. Awu, akukho-muntu onekhadi lomkhuleko, kusobala, kunjalo. Ngikholwa ukuthi bathe bekunekhadi elilodwa lomkhuleko lapha ndawondawo, mhlawumbe elivela emhlanganweni noma okuthize. Uma wonke umuntu akabe nokukholwa nje manje, nokwethemba, ungangabazi! “Uma ukholwa!”

²¹⁷ Khona lapha, bukani lapha, nina lapha ohlwini olungaphambili, leso sibhono, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosisindisa na? Uyakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ungaba nakho okucelile.

²¹⁸ Kuthiwani ngawe, mnumzane, nekhanda lakho libheke phansi lapha na? Kwedlula phezu kowesifazane, kuza ngqo kusuka lapho phezu kwalendoda. Ungodingayo, nawe, awunjalo na? Uyakholwa ukuthi uKristu angakusindisa na? Unenkathazo

ngamehlo akho, ngezindlebe zakho. UngowaseHouston, eTexas. Mnu. West, buyela emuva, futhi ubatshela eHouston, uKristu uphulukisa abagulayo.

Uyakholwa ngayo yonke inhliziyi yakho manje na?

Ube nokwehluleka kwemizwa, awukaze, nenekazi na? Wena, ovela eCorpus Christi lapho, kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

UNkulunkulu unguMphulukisi wazo zonke izinhlupheko. Uyakholwa ngenhliziyi yakho yonke na?

²¹⁹ Phakamisa isandla sakho laphaya, esikhashaneni esedlule, mnumzane, naleyonkathazo yesibindi nenkathazo yesisu, Mnu. Rainwater, ovela ngale eLouisiana. Okokuqala ukuba uze ube semhlanganweni, ngicabanga ukuthi uphakamise isandla sakho. Ucabangani ngaYe na? Ngabe UnguMphulukisi omangalisayo na? Buyela emuva futhi ubatshela ngaleya Angakwenzela khona, yonke indawo manje, niyabo.

²²⁰ Ohlezi emuva lapho ngemuva, lowomfanyana, unokukhubazeka kwengqondo, akanakho na? Kwabangelwa ngudokotela enze into ethize kuye, okuningi kakhulu kokudambisa imizwa, kumnika ukuvimbeka kwengqondo. Uma ngikutshela ukuthi ungubani, ungangibekela isandla sakho kulowomfana na? Nkk. Howell, kunjalo, beka isandla sakho phezu komfana, ngizomlahla lowodeveli.

²²¹ Sathane, phuma kuye!

²²² EGameni likaJesu Kristu, ngicela ukuphulukiswa kwakhe.

²²³ Uyakholwa na? Ngabe wonke umuntu uyakholwa na? Ngabe uNkulunkulu ulapha na? Ngabe umnokoloto lona na? Ngabe lona nguMoya oNgewele ofanayo, iNkosi uJesu efanayo, Lowo owethenjiswa na?

²²⁴ Bangaki kini ongamakholwa na? Phakamisa isandla sakho. Haleluya! Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi nenze njengoba nginitshela manje. Manje thulani ngempela, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Nginento ethize manje, uma nje nizokunaka lokhu, umzuzu nje. Kulungile.

²²⁵ Manje, ngizosho umkhuleko, impela, ngiyazi ukuthi kuzothathani ukwehlula isitha sakho manje, ngizofaka amazwi emlonyeni wakho, futhi uwaphinde evela enhliziyweni yakho. Bakhulekele, ngizowasho:

²²⁶ “Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okungunaphakade, Mnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thethelela izono zami zokungakholwa, futhi ungiphe okomusa waKho. Ngiyakholwa kuWe, ngiyaKwemukela njengoMsindisi wami, insindiso yami kuphela, ngidinga amandla aKho okuqina ngempilo yami, ngeke ngaya

phambili ngaphandle kwaKho, manje ngiyaKwemukela njengoMphulukisi wami.

²²⁷ “Ngiyamlahla udeveli nayo yonke imisebenzi yakhe. Kusukela kulesisikhathi kuqhubeke, ngizocabanga ngokuyikho, ngizokholwa sonke isithembiso, umBhalo othi, ‘Ngemivimbo yaKhe ngaphulukiswa,’ manje ngiyaKwemukela, ngiyaKukholwa, Kungokwami. NgiyaKubonga, Nkosi. Ngizoqhubeka ngifakaze ngokuphulukiswa kwami ngize ngiphile ngokuphelele.”

²²⁸ Manje, manje bambani nithule, gcinani izandla zenu ziphezu komunye nomunye manje. Manje khulekani, manje zivaleleni noNkulunkulu, nizobona into ethize yenzeka manje.

²²⁹ Kulungile, bazalwane, befundisi, wonke umuntu, senilungele na? Manje, uma uNkulunkulu ezozwa umkhuleko wami lapha, Uyawuzwa noma yikuphi. Manje, ukhulekile, wenze ukuvuma kwakho, njengoba ubungenza nje uza njengomKristu, usulungele manje, uma ubuyisoni, usulungele umbhaphathizo, manje, ngokuthi ungumKristu, wenze ukuvuma kwakho, futhi manje usulungele ukuphulukiswa. Manje, kuthathani na?

²³⁰ Manje, uNkulunkulu usulungele ukuninika khona, yinye nje into engaphezu kwakho, lelo ngelincane, ithunzi elizacile lokungabaza. Manje, uma singagqobhoza lokho manje! Njengendiza enkulu nje, bayangitshela lamabhanoyi amajeti, uma, ayazabalaza nje, futhi atshikize, futhi azabalaze, futhi atshikize aze adlule kulesosivimbelo somsindo, kodwa emva kokuba esegijime adabula esivimbelweni somsindo, khona-ke asekhululekile. Manje, uma nje ungasukuma wena uqobo ngaphezu kwalesosivimbelo esincane—esincane sokungabaza lapho, o, mfowethu, kuzokwenzekani! Uzogijima ukhululeke, uzophulukiswa.


²³¹ Manje, ngifuna nihloniphe ngokuzithoba ngempela, Bambani izandla zenu phezu komunye nomunye, futhi nilokhu nizivalelwe noKristu manje, sengathi akukho-muntu ngakuwe ngaphandle kwaKhe, futhi ucabange nje enhliziyweni yakho, manje, uyaMbona eza ehlela kuwe ngqo, emi phambi kwakho ngqo. Manje vula inhliziyoyi yakho futhi uMngenise, ngisakhuleka futhi ngilahla lelithunzi elincane lobumnyama phezu kwakho. Futhi lapho kugqashuka, usuphumile esivimbelweni somsindo khona-ke, sukuma nje futhi uMnike udumo, ngaso sonke isikhathi lapho uzizwela umphefumulo wakho wedlula kulokho kungakholwa, khona-ke usukhululekile kuKristu.

²³² Baba waseZulwini, siKubonga ngakho konke Okwenzile, ngokuphulukisa okuningi, ngamandla amakhulu kaNkulunkulu, ngabaningi osindisiwe, ngenhlanganyelo yabefundisi, futhi ngaphezu kwakho konke, inhlanganyelo kaMoya oNgcwele. Awukaze usehlulekise nakanye, kodwa

usitshela iqiniso ngaso sonke isikhathi, waqinisa iZwi laKho ngezibonakaliso nezimanga zilandela.

²³³ Futhi manje, Baba, leliqembu elincane libhadazele laphumela kulemigwaqo eshelelayo nezimvula, kulobubusuku, ukuza lapha ukuzobona uJesu. SiKubonile, siKuzwile, siyazi ukuthi Ulapha, sineZwi laKho ezinhliziyweni zethu. Bavumile, baphumele obala, bavuma obala ukuthi bayakholwa, futhi baKwemukele njengoMphulukisi wabo. Manje imiphefumulo yabo iyazabalaza, Nkosi, ukwedlula kulesosivimbelo esincane lapho, leyonto encane ngaleya ebanyakazisayo, “Angazi noma kungaba yimi na? Angazi noma kuzolahleka na?” Futhi, O Nkosi, kwangathi amandla kaJesu Kristu angabavusa khona manje, aphule lesosivimbelo!

²³⁴ Sathane, buyela emuva, uyehlulwa empini, vumela iBandla ledlule! EGameni likaJesu Kristu, Sathane, suka lapha, ngiyakukhipha!

²³⁵ EGameni likaJesu Kristu, sukuma ume ngezinyawo zakho futhi ubize ukuphulukiswa kwakho! Biza ukuphulukiswa kwakho, nazo zonke izivimbelo zizohamba! Ngininikela eNkosini uNkulunkulu, uJesu Kristu, eGameni laKhe eliligugu. Ngimemezela ukuthi niphulukisiwe, nonke! Sukuma futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu manje, eGameni likaJesu Kristu. 

61-0125 Kungani?
E-American Legion Hholo
EBeaumont, ETexas E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org